# *UBukhona BukaNkulunkulu Abuvunywa*

Manje izixuku zethu zisencane sizozama uku—ukusheshisa, siphume ukuze sikwazi, sisebenzela lenhloso eyodwa, nina ukuba nivume uBukhona bukaJesu Kristu. Niyabo? Uma Ekhona, ke, ngani, yonke into ixazululiwe. Wenza iZwi. Ulapha ukuLiqinisa. Uyafakazisa ukuthi UzoLiqinisa. "Nguyena nje izolo, namuhla, naphakade." SiMbona ekwenza izolo ebusuku, ngokungenakuphosisa; siyaMbona, ubusuku nobusuku, nosuku nosuku, nonyaka nonyaka. Akukaze nakanye ukuba Abikezele noma yini, kungakhathaleki ukuthi kwakunini, ukuthi kwakuzokwenzeka nini, ezinkulungwaneni zezikhathi, okwakukukho ngokuphelele ngqo, ngesikhathi, nakahle. Kungaba kanjani na? Bangaki okwaziyo lokho, nowazi inkonzo, nowaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nakho lapho okhona. Akukakaze nakanye, kungakhatheleki, kanjani ngisho kungenakwenzeka, kwenzeka ngokufanayo nje. UnguNkulunkulu! Futhi uma besingakuvuma nje lokho, sikubambe!

2 Futhi manje sinesikhathi esifishane nje ukuba sibe lapha. Ngicabanga ukuthi obuthathu futhi ubusuku, noma obubili futhi ubusuku nosuku, emva kwalobubusuku. Ngicabanga ukuthi ngeSonto ntambama inkonzo yokuvala. Sizama ukuvala ngeSonto ntambama ukuze abelusi nawo wonke umuntu... Asifuni ukunivimbela ebandleni lenu. Sifuna nje ukunezezela abaningi ebandleni, futhi sininike ukukholwa okuningi kuNkulunkulu enimkhonzayo ebandleni lenu. Niyabo? Futhi asifuni ukuba iminyango yebandla ivalwe, nhlobo. Sifuna nihlale lapho kodwa nje sizama ukunisiza, ukunikhuthaza. Imvuselelo ayisho ngisho nokwenezela abanye ebandleni; imvuselelo isho ukuvuselela lokho osuvele unakho; kunjalo, imvuselelo.

3 Ngabhekisisa ngesinye isikhathi ogwini lolwandle, lapho umoya wawuvunguza khona, futhi nje kwakuzamazama. Ngani, kwakungesilo ugu lolwandle, kwaku—kwakusenhla eLake Michigan. Ngangimi phandle lapho ngibukela amagagasi lapho engena, futhi—futhi, o, lololwandle lwalugxumagxuma, noma amanzi egxumagxuma, ne—nezikebhe ziyacazela. Ngase ngicabanga, "Yini leyo eyenzekayo na?" Ngacabanga, "Ngani, ichibikazi linemvuselelo." Yilokho–ke. Ligxumagxuma futhi lizamazama, ngani na? Kunomoya ovunguza ngamandla wehlela kulo. Ngacabanga, "Awu, niyazi ukuthini? Akusekho nelilodwa elinye iconsi lamanzi kulo khona manje kunalelo

ebelikhona ngenkathi lithule ngokuphelele." Akusekho-manzi kulo; lonke lishukumile nje. Awu, manje, lishukume ngani na?" Niyazi ukuthi amanzi ashukumayo enzani na? Ageza yonke imfucumfucu iphume kuwo, phezulu onqenqemeni.

4 Yilokho esikudingayo, ukugezwa kokungakholwa kuphume, onqenqemeni. IZwi likaNkulunkulu malibe ngelokuqala ezintweni zonke. Yilokho esikudingayo, imvuselelo, futhi sigeze kuphume konke ukungakholwa, nazozonke izilokazana nezinkoloze, nezinto. Phumani futhi nibone ukuthi uNkulunkulu usenguNkulunkulu. Sinezimvuselelo zalokho–ke.

5 INkosi ayisisize njengoba sikhetha kulendikimba futhi siyifundela lobubusuku. Kwangathi iNkosi ingabusisa ukufundwa kweZwi laYo, elitholakala kuMathewu oNgcwele, i—isahluko 12, ivesi 38 futhi kuya kwelama 42.

6 Nendikimba yami kulobubusuku ithi: *UBukhona BukaNkulunkulu Abuvunywa*. Izolo ebusuku besikhuluma ngoJesu enguyena izolo, namuhla, naphakade, futhi sabona ukuthi Wayenguyena izolo, namuhla, naphakede. Manje uBukhona baKhe, uma Enguyena izolo, akavunywa. Asifunde.

> *Kwase kuphendula abathile kubabhali nabaFarisi, bathi, Mfundisi, sithanda ukubona isibonakaliso esenziwa nguwe.*
>
> *Kepha waphendula wathi kubo, Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna isibonakaliso; kepha asiyikunikwa sibonakaliso, kuphela isibonakaliso sikaJona umprofethi:*
>
> *Ngokuba njengalokho uJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu; kanjalo–ke neNdodana yomuntu iyakuba senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.*
>
> *Amadoda aseNineva ayakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, asilahle: ngokuba aphenduka ngokushumayela kukaJona; futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoJona.*
>
> Futhi *inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.*

7 UBukhona obungavunywa! Yini lababantu ababengacabanga ngayo na? UNkulunkulu ubehlala njalo, bekungaleyondlela ngasosonke isikhathi Efika. Ngenkathi uJesu elapha okokuqala, Wathi, "Ni—nicaka futhi nihlobisa izindonga namathuna abaprofethi, futhi nibafaka lapho." Niyabo, kwenzeka into ethize, futhi yedlule. "Futhi uNkulunkulu ayifihle emehlweni abahlakaniphile nabanokuqonda, futhi

ayembule ezinganeni zona eziyofunda." UJesu wambonga uBaba ngokwenza okunjalo. Niyabo? Kuhamba ngqo ngabantu futhi abakwazi.

8 Isibonelo nje, ninabantu eningamaKatolika lapha kulobubusuku, niyakhumbula eminyakeni embalwa edlule, uJoan of Arc, eFransi, inenekazi elincane ngempela elali... Lahola umbhedukazwe eFransi, kodwa ngempela laliyi—yinceku kaKristu. Lenzani ibandla lenu kulo na? Lalishisa esigxobeni, njengomthakathikazi, ngoba libone imibono futhi lalingelikamoya. IBandla eliKatolika lalishisa, njengomthakathikazi, esigxobeni, ngoba lalingelikamoya futhi libone imibono. Iminyaka embalwa emva kwalokho, bathola ukuthi lowo wesifazane wayengongcwele. Ngakho kusobala nenze ukuzihlawulisa okukhulu, namba umzimba walabo bapristi abamgxekayo futhi bamshisa, futhi babaphosa emfuleni. Kusobala, lokho, nenze ukuzihlawulisa okukhulu ngalokho, ngokumba umzimba walababapristi.

9 Manje, ngezinsuku zabaprofethi, kwenzekani na? Benza into efanayo. Ababavumanga baze bafika, inkonzo yase iphelile, kwakhishwa labo abaKhethiweyo, kwase kuthi–ke emva kokuba sebashona bavuma ukuthi kwakukade kukhona umprofethi phakathi kwabo.

10 UJesu, Wafika emhlabeni. Ayekuphiwe phakathi kwaKhe kwakunguBaba, uNkulunkulu. "Mina noBaba waMi simunye. UBaba waMi uhlala kiMi. AkusiMina owenza umsebenzi, kodwa uBaba waMi. Futhi uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningaNgikholwa." Manje, uma niqaphela ngenkathi Efika, cishe oyedwa—oyedwa kwabangamashumi ayisishiyagalolunye bezwe wazi ukuthi Wayekhona ngisho emhlabeni ngalesosikhathi, futhi nokho uMsindisi wezwe. Kwase kuthi–ke abazange bavume ukuqonda ukuthi WayenguBani, ngisho nebandla noma namunye omunye, kul'khuni, baze baMbethela, bammbela, futhi wavuka ngosuku lwesithathu, ngaphambi kokuba baze bazi ukuthi WayenguBani.

11 Kuyangena futhi kuphume, nabantu abakuvumi kuze kwedlule, futhi, bona, ngenxa yokuthi akuyeneli neze isayense yabo yezenkolo, ayiseneli neze isikhathi sosuku. Niyabo, okuyikho, bahlala njalo ekubenyezeleni okuxhopha amehlo komunye unyaka, njalo.

12 Isizathu bengamemukelanga uJesu, ngoba babehlala ekubenyezeleni okuxhopha amehlo koMthetho. Futhi ngenkathi uJesu efika, wayengaphambene noMthetho, kodwa ufika ukugcwalisa uMthetho, awu, babengenakuMemukela ngoba uMlayezo waKhe wawungesiyo ncamashi indlela ababenayo yonke ifakwe izivumokholo, futhi yayibizwa ngaleyonkathi ngamasiko. Futhi Akafikanga ngokwamasiko abo. Akawagcinanga amasiko abo. Futhi ngempela Wakuchitha,

futhi wakudabula, futhi—futhi wenze izinto eyayiphambene nakho, ngangokuthi baze bacabanga ukuthi Wayehlakaza amabandla. Futhi abakwazanga ukuMemukela ngenxa yoMlayezo waKhe. Futhi sonke siyazi namhlanje ukuthi Ufika ncamashi ngomugqa wesiprofetho sikaNkulunkulu, kodwa abawazanga ngaleyonkathi.

13 Futhi bekungenzeka futhi, futhi besingeke sikwazi. Sengathi ngiyabona ukuba empeleni Ubengaqhamuka kulobubusuku, bekungaphambana kakhulu nalokho esesikufanekisile konke emashadini ethu, nasezikoleni zethu nezinto. Bebengaba mbalwa kakhulu abebengavuma ukuthi bekwenzekani. Wathi kuyoba yilokho, ukuthi Ufika kanjani.

14 Manje, uJesu elapho ekhonjwe kakhulu ngokomBhalo ngemiBhalo, nabaBhali nabaFarisi bangalolosuku babengena kuMvuma. Kungani bengamvumanga, kungani bengakwenzanga na? Ngoba babenakho kufaniswe ngenye indlela. Yilapho uJesu abatshela khona, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuyo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi yiyo efakaza ngaMi." Niyabo? Manje Ufika ncamashi ngemiBhalo. Kodwa babenakho bekufanisile mhlawumbe ukuthi uma Efika, uMesiya mhlampe wayezokwenza okwenziwa nguMose, noma okwenziwa nguNowa, abakhele umkhumbi noma okuthize, okunye. Kodwa, isizathu sokuba Afike ngendlela Enza ngayo, babengayifanisanga; emiBhalweni ngamasiko abo, abayifundisanga; ngakho abantu badideka kakhulu babengazi ukuthi kwakwenzekani.

15 Ngiyamgala ukuthi bekungenzeka yini lokho namhlanje na? Ngiyamangala ukuthi bekungehluka yini kunalokho amasiko ethu elisifundise khona na? Futhi bekungafika, futhi into ethize ibingedlula futhi besingeke neze ngisho siyazi ize ikuba isivele yedlula, futhi khona–ke isiphelile. Lokho nje kuthi akube ngendlela okuyofika ngakho.

16 Niyazi, ngenkathi uJohane umbhaphathizi efika enkundleni, owayekade ebikezelwe kusukela le eNcwadini kaIsaya, amakhulu eminyaka na? Cishe iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili, uIsaya waprofetha, ngiyacabanga, phambi kokufika kukaKristu. Benazi yini ukuthi uJohane wafika ncamashi ngendlela uIsaya athi uyofika ngayo, ufika ncamashi ngendlela uMalaki athi uyofika ngayo, futhi ngisho nabaphostoli abakuvumanga na? Ngolunye usuku, kuMathewu 11, uJohane wayesetilongweni; nabaphostoli, abanye babafundi bakhe bawela ukuyobuza uJesu ukuthi ngabe WayewuYe, noma—noma bayofanele babheke omunye.

17 Manje qaphelani, uJesu akabanikanga incwadi yokuthi akaziphathe kanjani, yokuthi akaziphathe kanjani ejele, noma ukuthi akasiphathe kanjani isimilo sakhe. Wathi, "Hlalani ngakhona lapha futhi nibhekisise okwenzekayo, bese

nihamba niyobonisa uJohane izinto enizibone zenzeka." Lobo kwakungubufakazi obubonakalayo ukuthi i . . . WayeyileloZwi.

18 Futhi manje khumbulani, iZwi njalo liza kumprofethi. Sonke siyakwazi lokho. UNkulunkulu akenzi lutho ngaphandle kokukubonisa kubaprofethi baKhe. Yingalesosizathu iNcwadi yesambulo sikaJesu Kristu ingokugcwele kokugcwala kukaKristu khona lapha phambi kwethu, iNcwadi. Manje Uzofanele asithumele oyedwa, omunye ukuba aqinise leyoNcwadi, aYembule, avule iziMpawu, nokunye nokunye. Kodwa mayelana nanoma yikuphi ukuqhubeka kwesambulo sikaKristu, sesivele zivunyiwe khona Lapha. Ungukugcwala kwaLena, yeSambulo. Manje qaphelani, akwehluleki neze, kodwa iZwi liza kumprofethi.

19 Bukani uJohane emi emanzini, ebikizela, umprofethi, ukuthi uMesiya ngayo leyonkathi wayephakathi kwabo. Wathi, "Ukhona Omi phakathi kwenu manje, eningamazi; uzonibhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo." Manje khumbulani, Wayemi phakathi kwabo ngqo, iBhayibheli lasho njalo, futhi abaLivumanga. Ngolunye usuku ngenkathi uJesu eza ehla, uJohane waMvuma, wayesethi, "Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe." Manje bhekisisani, ngaphambi kokuba avunywe yinoma ubani, Weza kumprofethi. WayeyiZwi. UJohane wayengumprofethi.

20 Ngiyamkhumbula uthisha wami omdala oyiBaptisti wangitshela, wathi, "Uyazi ukuthi kwenzekani na?" Wathi, "UJesu wabhaphathiza uJohane."

Ngathi, "Angicabangi kanjalo."

21 Wathi, "Impela, uJohane akazange abhaphathizwe; uyafika eshumayela, ebhaphathiza, akekho owayefanele ukumbhaphathiza. UJesu wambhaphathiza."

Ngathi, "Angazi."

22 Futhi ngolunye usuku ngisesendlini yokutadishela, uMoya oNgcwele wakwembula kanje, niyabo. Bhekisisani, Waphuma wangena emanzini; wathi, "Yini ukuba Uzekimi na? Yimina engiswela ukubhaphathizwa nguWe." UJesu wathi, "Vuma ukuba lokho kubenjalo," bhekisisani, "kodwa kanjalo kusifanele (kufanele thina) ukuba sigcwalise ukulunga konke." UJohane, engumprofethi, azi iZwi! UMhlatshelo Ayeyiwo, ufanele ugezwe ngaphambi kokuba wethulwe; khona–ke Wabhaphathizwa, uJohane waMbhaphathiza, ngoba, "Kusifanele ukuba sigcwalise ukulunga konke." IZwi leza kumprofethi, emanzini.

23 Kwase kuthi–ke ngenkathi Ebhaphathizwa, abantu besalokhu . . . NoMoya oNgcwele wehla, akusiwo wonke umuntu owaWubonayo. UJohane waWubona.

24 INgelosi yeNkosi ibingaba khona lapha kulobubusuku, futhi mhlawumbe umuntu oyedwa aYibone, futhi angabikho omunye.

25 Lokho kuKhanya, iNkanyezi efika phezu kwakho konke ukupopola, lapho i—izazi ezalandela khona; akukho kupopola okwazi noma yini ngakho akekho omunye owaYibonayo, nhlobo, kodwa lezozazi, ngoba kwakungokwazo ukuba ziYibone. ZaYibona. YaYiyiyo ngempela kuzo.

26 Ngenkathi ukuKhanya, iNsika yoMlilo, ishaya uPawulu imlahla phansi, endleleni eya eDamaseku, wavuma ukuthi wayeseBukhoneni bukaNkulunkulu. Manje, lowomHeberu wayengeke neze abize noma yimuphi omunye umoya ngokuthi, "Nkosi," ngaphandle uma wayazi ukuthi Leyo kwakuyiNsika yoMlilo efanayo eyahola abantu bakubo baphuma ehlane. Wathi, "Nkosi, UnguBani na?"

"Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?" Wathi, "NginguJesu."

27 UJesu wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu." Wayeyilowo Mlilo owawusesihlahleni esivuthayo, owahola uMose edabula ehlane, futhi Wabuyela emuva kuLokho.

28 Futhi manje nango wayekhona, esendleleni eya ezansi eDamaseku, washaywa walahlwa phansi. Nawo onke indoda eyayinaye, akazange ayibone leyoNsika yoMlilo. Futhi kwakuyikho kakhulu—kakhulu ngempela kuPawulu kwaze kwaphuphuthekisa amehlo akhe, futhi wadingeka aholwe ehlele emgwaqeni okuthiwa oQondile, eDamaseku. Wayeyimpumputhe.

29 UAnaniya, umprofethi ezansi lapho, wabona embonweni, wahamba wayesebeka izandla phezu kwakhe futhi wemukela uMoya oNgcwele, nenkwethu yawa emehlweni akhe wase ebuye ebona. Kwakuyikho ngempela kuye kwaze kwaphuphuthekisa amehlo akhe, futhi nokho akukho namunye wabo owaKuvumayo ukuthi kulapho, wakwazi ukuKubona.

30 Ngakho—ngakho kunjalo kulobubusuku! Kunomuntu ohlezi khona lapho ongaletha uNkulunkulu enkundleni, abe omunye engezukwazi lutho ngaKho. Ukuvuma uNkulunkulu!

31 NoJesu, ngenkathi Esalepha emhlabeni, futhi wayekade esenze ngokugcwele isibonakaliso iBhayibheli elathi Uyosenza, kodwa abakuvumanga ngoba kwakungahambisani nesiko labo. Lalowonyaka, Wayengezukufika futhi enze okwenziwa nguMose. Wayezofika futhi azalwe yintombi. Futhi Yena, nangokuka Duteronomi 18:15, Wayezoba ngumProfethi. Futhi ncamashi Wayenza leyomisebenzi nezibonakaliso.

32 AmaJuda afuna izibonakaliso. Afundiswa ukuba angethembeli neze ezinkulumweni zokuhlakanipha; amaJuda ayazi kangcono kunalokho. AmaGreki akufundisa lokho. Kodwa hhayi izinkulumo zokuhlakanipha, kodwa phezu kwezibonakaliso. "Sikhombise isibonakaliso." Lababantu, omunye wathi, "Rabi, noma Mfundisi, sikhombise

isibonakaliso." Babefuna ukwazi. Futhi Wayesevele esebakhombisile isibonakaliso, futhi babefuna uhlobo olwehlukile lwesibonakaliso, kodwa Wayekwazi kuphela ukwenza isibonakaliso sangalowonyaka.

33 Wenzenjalo nanamhlanje, lokhu kuthululwa kukaMoya oNgcwele kuyisibonakaliso sokubonakala kwaKhe ngisho nakulonyaka, njengoba Ethembisa.

34 Bafuna isibonakaliso, futhi Wayebanike isibonakaliso sangokomBhalo, kodwa babefuna isibonakaliso esehlukile.

35 Yilapho ukuthi abantu abaningi kakhulu namhlanje uzodidwa. Niyazi, uHlwitho lungahle lwenzeke, futhi nje cabangani ngokudabukisa kwakho! Mangibuyele lapho uJesu, noma . . .

36 UJohane wathuma abafundi bakhe ngale ukuyobona uJesu, ukuthi ngabe WayenguMesiya noma qha. Lelohora, Wenze izinto eziningi. Ngenkathi ebuyela emuva, abafundi, ukuyotshela uJohane ababekubonile, uJesu wathi kulabo abahlezi lapho, wathi, "Naphuma ukuyobonani ehlane na? Naphuma ukuyobonani lapho uJohane eshumayela na? Ngabe naphuma futhi nibona umuntu ombethe ingubo emhlophe, kanjalo njalo, noma—noma ingubo enothonotho na?" Wathi, "Bayi . . . sezindlini zamakhosi. Bambela abafileyo, futhi bange izingane, futhi bashadise abasha, kanjalo njalo, lokho. Abakwazi ukuphathwa kwenkemba esika nhlangothi zombili."

37 Wathi, "Naphuma ukubonani pho, umhlanga ontengantengiswa yinoma yimuphi umoya, omunye umuntu, elinye iqembu lizothembisa ukumnika imali ethe xaxa futhi uzowelela ngaku*lo* esikhundleni sokuhamba ngobizo lweNkosi na? Hhayi uJohane! Omunye umuntu owayengamsontasonta, athi, 'Sizokunika okuthe xaxa uma uzophika *Lokhu* futhi uthathe *lokhu*'? Hhayi uJohane!" Wathi, "Naphuma ukuyobonani pho, umprofethi na?" Wathi, "Ngithi kini, 'odlula umprofethi.' Futhi uma ningakwemukela, lona nguye umprofethi athi ngaye, 'Bheka, Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, esizolungisa indlela.'" Nalowo kwakunguMalaki 3, lapho akwenza khona.

38 Ngolunye usuku abafundi baMbuza, bathi, "Pho basholoni abaBhali ukuthi uEliyase umelwe ukufika kuqala na?" UJesu wathi, "Usevele ufikile futhi anikwazanga," futhi baqonda ukuthi kwakunguJohane umbhaphathizi. Labo baphostoli abakhethiwe babesalokhu bengaboni ukuthi wayengubani. Lowo kwakunguElija.

39 Manje bukani. Niyazi, u—ukuFika kweNkosi kuzoba ngukufika okuyimfihlo. Wathi, "Bayobababili embhedeni, futhi Ngiyakuthatha oyedwa futhi ngishiye oyedwa," bulapho–ke u—ubusuku. "Bebabili ensimini, Ngiyothatha oyedwa futhi ngishiye oyedwa."

40 Niyazi, kunabantu abaningi kakhulu abanyamalalayo nsuku zonke, basuke ebusweni bomhlaba, okungekho-muntu ongababala. Ngolunye lwalezizinsuku kungahle kube ngukuthi abantu bangahle bathi, "Awu, uqonde ukuhlupheka, into iphezu kwethu manje? Bengicabanga ukuthi iBandla lalizohamba ngaphambi kokuhlupheka." Ababoni futhi baqonde ukuthi uHlwitho belungenzeka futhi bangazi lutho ngalo; ngukumuka okuyimfihlo kweBandla.

41 Futhi, cabangani, abantu bayoqhubeka ngqo beshumayela, bethi bayakholwa ukuthi bayasindiswa, futhi benezela ebandleni, futhi bakha amasonto, futhi beqhubeka nje njengoba benza ngezinsuku zikaNowa, kanjalo njalo, futhi bengakwazi; noHlwitho seluvele lwedlule, "seluvele lwenzekile futhi anilwazanga." Kunamakhulu abantu abanyamalala emhlabeni nabantu abangazi lutho ngokuthi bayaphi, bangekubale; omunye umuntu ubeya ndawondawo, ababebesezwa neze ngabo. Nalolo bekungaba uHlwitho.

42 Ngiyanitshela, bangani, ngenxa nje yokuthi singamalunga ebandla, noma into efana naleyo, lokho akusho lutho kangako kithi. Kungcono uzibophe ngekhongco lezozikhali. Kungcono uthathe lonke leloZwi likaNkulunkulu futhi ubambelele kuLo, futhi uyeke lokhu ukwenza kweHollwood ngapha. Kungene ngqo ebandleni, futhi kuyihlazo. Kodwa iHollywood iyakhazimula, nje yenze ukukhanya okugqamile, nebandla namhlanje lizama ukuqhathanisa neHollywood. UKristu akekho kwiHollywood. UKristu ukumuntu ngamunye. IHollywood iyakhazimula noma . . . IHollywood ibenyezela okuxhopha amehlo, kanti iVangeli likhazimula ngokuzithoba. UNkulunkulu akekho kulezizindawo ezinhle ezihlotshisiweyo nazozonke lezizinto esizibonayo. Ungena ekuzithobeni, esimweni sobumnene nobubele, wedlula ngqo.

43 Futhi uma ujwayelene neZwi, uzoLibona. Oneso, ukuzwa, "makezwe lokho akushoyo uMoya emabandleni," niyabo manje, manje namhlanje, okwakhonjwayo.

44 Wazikhomba Yena uqobo kahle emakholweni ngalolusuku, labo ababekubhekile. Bukani uPetru noAndreya. Bukani uNatanayeli, akukho-mbuzo emqondweni wakhe. Bukani owesifazane emthonjeni, kwakungekho-mbuzo kukho.

45 Kodwa laba baFarisi, izinsuku ezimbalwa ngaphambili lapho ingqikithi yethu ikhona kulobubusuku, baMbona enza lokho, base–ke beMbiza ngo "Belzabule, idemoni." Imisebenzi yayikade yenziwe. Babefanele baphendule ibandla labo, ngakho into kuphela ababengayenza kwakungukuba bakubize ngo "moya omubi." UBelzabule kwakuyidemoni, njengombhuli noma into ethize. Futhi noma ubani uyazi ukuthi umbuli ungokaDeveli. Futhi babeqhathanisa, lapho AyeyiZwi elalazi imfihlo yenhliziyo futhi u—uyafakazisa ukuthi

WayeyilowomProfethi owayezovuselwa thina ngalolusuku, uMhlengi-mProfethi; futhi ngenkathi Enza lokho, ibandla ngalolosuku laMmemezela ngokuthi ungu "Belzabule."

46 Niyabo ukuthi babeyini na? Wathi, "Niphuphuthekile, nihola izimpumputhe." Abayikungena, futhi kanjalo abayikubavumela labo ongaphansi kwabo angene.

47 Esifuna ukukwenza namhlanje ngukuthola iQiniso. Sifanele sazi iQiniso. Ngabe Uyafana? Ngabe Ulapha ukugcwalisa lokho Ethembisa ukukugcwalisa na? Hlolani imiBhalo futhi nithole ukuthi Ufanele ukwenzani namhlanje.

48 Yingalesosizathu uJohn Wesley . . . noma uMartin Luther wayengenakuqhubeka nomlayezo kaWesley; bawuhlela, wahamba kangako ke. Nakho kufika uLuther, ephuma ebandleni eliKatolika futhi uba . . . Wayengongahlakahlile ekhanda, kubo; kodwa wayenomlayezo wokulungisiswa, ngoba kwaKuyiZwi likaNkulunkulu, isithembiso. Manje–ke bona, emva kokufa kwakhe, bahlela inhlangano kaLuther. Kwase kwenzekani–ke, yayilale yagoqana yonke futhi.

49 Futhi ngokomBhalo kuzobakhona omunye unyaka webandla ovukayo, futhi, ngenkathi kwenza, uNyaka weBandla laseFiladelfiya uvuka, uJohn Wesley. Futhi okwakwenzekile, kwakulokhu kuza ngasentshonalanga ngasosonke isikathi. Futhi ngenkathi kwenzeka, kwakukhona unyaka webandla, noJohn Wesley wasukuma, kodwa uLuther wayengenakuwemukela ngoba base bevele behlelele ekulungisisweni. Wayengenakukwemukela ukungcweliswa.

50 Manje–ke ngenkathi amaWeseli ehlela ngendlela enza ngayo, namagatsha amancane asabalala, akwenzayo, nakho kufika umlayezo wamaPentecostal ukubuyiselwa kweziphiwo; akukho namunye owayenganyakaza, base bevele behlelile.

51 Manje ingxenye embi yakho ingukuthi, amaPentecostal ehlelwe kakhulu.

52 Bukani usuku esiphila kulo, okuthenjiselwe lolusuku. Sikuphi na? Sesenyukile. INsika yoMlilo iyanyakaza, nabantwana bakwaIsrayeli babenyakaza neNsika yoMlilo kungenjalo babuyela eGibhithe. Sifanele sinyakaze kanye neZwi.

53 Futhi namhlanje sithola ukuvilapha kakhulu, ibandla lithola ukuba ngelezwe kakhulu nokuba ngokunganaki kakhulu, futhi ngakho imiqondo yabo isanganiswe kakhulu itelevishini, futhi *Sithanda uSucy* nezinye zelezizinto ezindala, nokuhlala ekhaya. Lokho kukhombisa ukuthi zikuphi izinhliziyo zabantu. Futhi ungabatshela ukuthi lezizinto azilungile. Futhi bacabanga ukuthi uyahlanya. Kuyini na? "Abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu." Niyabo?

54 O, injabulo enkulu kakhulu engazi ngayo, eyokuba ngikhuleke ngize ngibone ukuthi ngiseBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi ngikuvume. Ngicabanga ukuthi lokho bekufanele kube ngukuxhuxhuma kweBandla, ngoBukhona bukaMoya oNgcwele; ngibona uNkulunkulu owenza isithembiso emi phakathi kwethu, ngizwe uBukhona baKhe futhi ngibone iZwi laKhe, futhi ngiLibone liqinisekiswa. Bekufanele kunikeze ukukholwa, ukwenza izishosha zihambe, izimpumputhe zibone, abangezwa bezwe, izithulu zikhulume.

55 Ngama eNingizimu Afrika, lapho enganginabanye abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili emzileni womjaho eThekwini, futhi ngenkathi bebona ngesikhathi esisodwa lokho kwenzeka kanjalo, emva kokukuchaza kubo, ngesimo esincane esipholile nje; futhi babone into eyodwa yenzeka yalokho kwembuliwe, ngabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu waphiliswa ngaso lesosikhathi kanyekanye. Bathathe imithwalo yamaveni ayisikhombisa, amatrakhi amade njengokusuka *lapha*, amakalishi anamasondo ayisithupha neshumi nesishiyagalombili kanjalo, futhi bawanqwabanise egcwele izinduku ezindala zokuqhugela nezinto. Abahedeni, ababengazi ngisho ukuthi isona siphi isandla sokudla nesokunxele.

56 Futhi ngosuku olulandelayo, uMnu. Sidney Smith, imeya yeTheku, wangibiza wayesethi, "Yana efastelini lakho, phandle ngasolwandlekazi laseNdiya, uzobona into ethize ongakaze uyibone." Nalawo kwakungamaphoyisa aphelekezelayo eza ehla nayisikhombisa aleyomithwalo yamaveni amakhulu, namakhulu abantu ehamba ngezinyawo emva kwayo, ngayizolo babesezinhlakeni nezinhlaka zemibhede nabathwali ababenabo, becula, "Kholwa kuphela, zonke izinto ziyenzeka." Evikini elingaphambili, lapho, babekade belwa omunye nomunye, impi yabomdabu. Futhi babelapho behamba ngezinyawo, begaxene, bebambene ngezandla.

57 Ngani? Bavuma ukuthi uNkulunkulu weZulu wayebonakele phambi kwabo ngesimo seZwi laKhe. Futhi thina maMelika ahlakaniphile siyahlala. Bayosukuma ngoSuku lokwaHlulelwa futhi basilahle lesisizukulwane, ngalokho esikubonile.

58 Kungikhumbuza ngowesifazane eLouisville, eKentucky, kungekudala, wayenengane encane, ehambahamba esitolo sezinto zikasheleni. Futhi wayenza izinto ezincane, ezama ukuba ayiqaphelisise, nengane encane yayilokhu igqolozele ngqo. Futhi ekugcineni wacosha insimbi encane ekhalayo, noma yini eyayingaheha ukunaka komfo omncane othi akabe ngako. Futhi wayeshukuzisa insimbi ekhalayo, nomfo omncane wavele nje wagqolozela ngqo ngaphambili. Futhi uqala ukudazuluka, wayeseketuka, nabanye babantu bayafika ukuba bamsize. Wathi, "O, qhabo, ngeke kwenzeka! Ngeke kwenzeka!"

Bathi, “Yini indaba?”

Wathi, “Udokotela uthe ingane ibisingcono.”

Bathi, “Yini indaba ngengane, nenekazi na?”

59 Wathi, “Awu, yabanelumbo cishe ezinyangeni eziyisithupha ezedlule, ukuthi iyahlala nje futhi igqolozele. Akunandaba ukuthi kuyini, okufanele kuhehe ukunaka kwaleyongane, akuyihehi ukunaka kwayo, futhi ivele ihlale nje futhi igqolozele. Udokotela wangitshela ukuthi wayecabanga ukuthi yase ingcono. Ngase ngiyehlisela lapha, ukuba ngicoshe izinsinjana ezincane eziwusizo ebezifanele ukuheha lowomntwana, futhi akaheheki. Usalokhu ehlala futhi agqolozele.

60 Yileyondlela ibandla eliyitholayo! UNkulunkulu ushukumise zonke izethembiso eBhayibhelini, phambi kwabo. Noma kunjalo sivele nje sihlale futhi sigqolozele, sibuka. “Ini? Ngikhombise isibonakaliso, uzongikhombisa na?” Futhi kuyaqhubeka ngaso sonke isikhathi, kusizungeze ngqo. Kuletha uBukhona bukaNkulunkulu, bekufanele kusikhanyise. Ngenkathi uNkulunkulu enza isithembiso, Uma ngalesosithembiso. Yebo, mnumzane.

61 Emva kokuba uJesu esesifakazise kakhulu isibonakaliso saKhe sobuMesiya, ukuthi Wayeyilowo Mesiya, nokho ebusweni bakho konke lokho, “Sikhombise isibonakaliso.” Niyabo, abavumanga, babegqolozela ngqo phambi kwabo. Kwakungekho kubo ukuba bakholwe.

62 “Wena,” njengoba umama wami omdala waseningizimu wayevamise ukuthi, “ungeke walithola igazi kutheniphu, ngoba alikho lapho.”

63 Noma kunjalo abaMvumanga, bephuphuthekiswe kakhulu yizivumokholo zabo no—no—nokunye nokunye, ababenakho ngalolosuku. Babengayazi neze imiBhalo yesithembiso, ngoba izivumokholo zaziwumbozile. Izivumokholo zabo namasiko angalolo suku ayemboze isithembiso somBhalo. Uma babekade befundiswe ngokomBhalo, leso kwakufanele kube isibonakaliso esalandela uMesiya!

64 Bangaki abakholwayo ukuthi Ufika ngesibonakaliso sakhe esifanele na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela, Wakwenza, Ufika ngokwesithembiso. Kodwa babekade befundiswe isivumokholo, “Sikholelwa ku *lokhu*, futhi sikholelwa ku *lokho*. Bonke bakholelwa kuNkulunkulu. Bonke . . . ”

65 Namhlanje, thina maMelika, ikakhulukazi, sicabanga ukuthi sizoxolelwa ngoba sakha amabandla amakhulu, futhi sinabelusi abakahle nezinto. Khumbulani, uma lokho kwakunjalo, uNkulunkulu ungongalungile uma Esifaka kanjalo; ngokuba, uKhayini noAbela, abakhonzi bokuqala ababili ngaphandle kweEdeni, bakhela iNkosi ialtare,

bobabili benza umhlatshelo, bobabili banikela ngezipho, bobabili bakhuleka, kodwa omunye wayeqinisile nomunye wayenephutha. Qaphelani, sifanele sibe neQiniso, neQiniso liyiZwi likaNkulunkulu, njalo. Manje kuyafana namhlanje, abantu baba ngabaphuphutheke kakhulu. Bathi . . .

Ngithi, "U—ungumKristu na?"

66 "O, ngingowento ethize-thizeni." Niyabo, lokho akuhlanganise lutho nakho. Anginalutho olumelene nalokho, kodwa lokho akusikho engizama ukunitshela khona. Sonta kunoma yiliphi ibandla ofuna ukusonta kulo. Uphawu lwakho alwenzi mehluko.

67 Bengitshela umelusi kulokhu ukusa. Enhla eColorado ngangivame ukugibela ngiqoqe izinkomo, kanjalo kanjalo. Futhi ngangivame ukuhlala lapho, umlenze wami unqume esihlalweni sehhashi, *kanjalo*. NeNhlangano yeHereford iTroublesome River idlisa esiGodini saseTroublesome River. Bese–ke wenyukela esiqongweni sesigodi, unegatsha lasempumalanga nentshonalanga. Zonke izinkomo ezivela *lapha* enhla, eNhlanganweni, idlisa egatsheni lasentshonalanga; ne—neqembu enganginalo, lalidlisa egatsheni lasempumalanga. Manje–ke babenothango oluyizibuko lapho ukuvimbela izinkomo zingayi empahleni yomuntu ngayedwa, naphezulu ezintabeni ehlobo.

68 Futhi sasiqoqa izinkomo phezulu, izimpawu ezine noma ezinhlanu ezehlukene, izimpawu eziyisishiyagalombili noma eziyishumi ezehlukene, emfuleni, sasiqoqa izinkomo zethu entwasahlobo, sizenyusele lapho. Futhi ngangivame ukuhlala lapho, umlenze wami unqume uphondo lwesihlalo sehhashi, emva kokuba sasesizithole zonke izinkomo, zonke zazishaywe uphawu nayo yonke into, siqale ukukubuyisela emuva phezulu edlelweni.

69 Nomqaphi wayema lapho. Wayezibala lapho zedlula. Futhi ngaqaphela kwakukhona zonke izinhlobo zezimpawu. UMnu. Grimes wayene—ne—neDiamond Bar, futhi ngenhla kwethu nje babeneTurkey Track, sasineTripod Endala, futhi kwakunezimpawu ezehlukene ezazedlula lapho. Kodwa u—umqaphi wayengalunaki uphawu. Wayenaka icici legazi endlebeni. Kwakungekho lutho olwalungaqhubekela kulelodlelo, ukugcina izinhlangano ezizalanisayo, izinkomo zazo ziqiniseke ekuzizalaniseni, akukho lutho olwalungaqhubekela lapho kodwa iHereford yohlobo. Yayifanele ifakwe icici endlebeni, ngophawu lwegazi.

70 Yileyondlela okuyoba ngayo ekwaHlulelweni. Akazukungibuza ukuthi ngabe ngangiyi—yiMethodisti yini, iBaptisti, iPresbyterian. Ukuthi yiluphi uphawu enginalo akuyikusho lutho kuYe. Akulutho kodwa ozelwe ngokusha, umKristu ozelwe ngeGazi leGazi likaJesu Kristu, lokho kuyoba

yikho okungenayo. Akukho okuphansi kwalokho okuyongena. Manje sifuna ukukhumbula, sikhumbule lokho.

71 Manje, uma Engavunywa, amandla aKhe a al-... njalo akwembulwa, uma Engavunywa. Akunandaba ukuthi uNkulunkulu umi kangakanani ekhona, nifanele nikukholwe. Yilokho kuphela.

72 Njengowesifazane enomopho. Bonke labobantu bedlula, nabo bonke bemile, bethi, "Nango ehamba uRabi. YilowoMfo ozisho ukuthi ungumProfethi. Wuhlanya lolu," nakho konke okunjengalokho.

73 Kodwa kwenzekani na? Lona wesifazane omncane wayenomopho wegazi, futhi wayezwile ngaYe. Futhi ngenkathi ehlela lapho, kungakhathaleki ukuthi noma ubani wathini, wamvuma ukuthi WayenguBani. Wayesethi, "Uma kuphela ngingathinta ingubo yaKhe!" Niyabo?

74 Futhi ngenkathi lokho kukholwa kwangoqobo, kuNkulunkulu, kuba yinto eqinisile kuye, kwakhululani na? Kwakhulula amandla aKhe ukuba amphilise. KwaMthinta ngangokuthi, Wajika wayesemtshela okwakungalungile kuye, wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Kwenziwa yini na? Ukukholwa!

75 Abanye bemi lapho ngahle ukuba babekade begula kakhulu kunaye, kodwa, niyabo, wabuvuma uBukhona baKhe. Wazi ukuthi lelo kwakuyithuba lakhe.

76 Ukuba kuphela besingenza lokho kulobubusuku, bantu! Ukuba kuphela besingaqonda ukuthi Ubonakala kithi kulemihlangano, ngenhloso eyodwa, lokho kungukuthi, ukukhulula izifiso zethu esinazo kuYe, kithi. Kodwa sifanele sibuvume uBukhona baKhe. Futhi manje ukuthi nibuvume kanjani uBukhona baKhe, kungenkathi iZwi elithenjisiwe lalonyaka libonakaliswa, hhayi iZwi elithenjisiwe lonyaka kaMose noma yimuphi omunye unyaka. Yisithembiso seZwi salonyaka!

77 Manje sithola ukuthi Waqonda phambili ngqo. NoJayiru, umfo omncane phezulu lapho nendodakazi efile, yona, wakholwa ukuthi Ayekushilo kwakuyiQiniso. Manje khumbulani, wayengumpristi, futhi wayenqatshelwe, ngoba kwakukade kushiwo ngokuqinisa, "noma yimuphi ozihlanganise naYe wayezokhishwa esinagogeni." Awu, noma ngabe wakhishwa noma akakhishwanga, wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu wayekhona kuKristu, nalelo kwakuyiZwi. Futhi lenzani na? Lakhulula kuye amandla okuvuka ayekuYe; amen, aveza intombazane eyayifile, futhi ayibeka ngaphandle, ngoba wavuma ukuthi uNkulunkulu wayekuKristu, noBukhona baKhe babusendlini yakhe.

78 Kodwa emzini lapho Akhuliswa khona, lawomandla afanayo ayekuYe, emzini lapho Akhuliswa khona, kodwa

abazange baMvume. UBukhona baKhe, kubo, abushongo lutho; mhlawumbe olunye uhlanya. "Ziphi lezizinto na? Bangitshela ukuthi Wenza *ukuthi-no-kuthi*. AngiKubone uzenza lapha."

79 Anikaze nikuzwe lokho na? "Uma lapho. . . Nina sigejane samaPentecostal, nani bantu, lokho, niyakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu na? Nangu u *s'banibani* ngapha, angikubone umphilisa."

80 Lelo demoni elidala elifanayo, elifanayo elathi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yala lawamatshe ukuba enziwe izinkwa."

81 Idemoni elidala elifanayo, ngenkathi embozwe amehlo aKhe, baMshaya ekhanda ngenduku, base bethi, "Manje," benikezana induku, omunye komunye, base bethi, "sitshele ukuthi ubani oKushayile, futhi sizoKukholwa uma UngumProfethi." Akazange. Akenzi mahlaya anoma yimuphi umuntu. Ya.

82 Ofanayo, ngenkathi Esesiphambanweni, wathi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, yehla esiphambanweni futhi ufakazise ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu." Wayengakwenza.

83 Baba namazwi okuMbonga amakhulu kunawo onke ake Aba nawo, lapho, kodwa babengakwazi. Bathi, "Wasindisa abanye; Yena uqobo Angezisindise." Ukuba Wayezisindise Yena uqobo, Wayengeke abasindise abanye. Wazinikela Yena uqobo ukuze Asindise abanye. Niyabo, ababuvumanga uBukhona bukaNkulunkulu. Yilokho kuphela.

84 Manje kukhulula amandla okuphilisa, futhi ini? Kuyokhulula amandla ukuvula amehlo enu ukuba niMvume, noma kuphuphuthekise amehlo enu ukuze ningasophinde niMvume. Okuvula amehlo omunye, kuvala amehlo ongakholwayo.

85 Kodwa, umuzi, babengenakho ukuMethemba. Endlini yomFarisi, waMmema ezansi; kwaSimoni, umFarisi, futhi wenza ukudla kwakusihlwa okukhulu, nomFarisi wayefuna ukufakazisa kubo ukuthi Wayengesuye umProfethi. Ngakho wayesemuva lapho efiselana okuhle ngokuphuza ngezingilazi zakhe nezinkomishi zakhe ezingenazibambo, nawo onke amakha amahle endlini.

86 NoJesu wayengene wedlula insila yenkosi egezana izinyawo, futhi wayehlale phansi lapha. Futhi, engcolile, iphunga elibi la—lasokhalweni likuYe, lapho izilwane zazikade zikhona endleleni yabahamba ngezinyawo, izingubo zaKhe. Yingalesosizathu babegeza izinyawo ngalezozinsuku.

87 Futhi, niyabo, into yokuqala, uma umenywa ukuba uye—ukuba uye ekhaya lapho ePalestina, ngenkathi befaka lezozichathulo, into yokuqala ababeyenza kwakungukuba bageze izinyawo zakho, bese–ke bekunikeza into ethize; ukuba

uhambe kokhaphethe babo, amaragi amakhulu asePersia nezinto, kwakukuhle.

88 Into elandelayo abayenzile, bese–ke bekunika amafutha esandleni sakho. Aphume e apuleni elincane elitholakala le entabeni, i apula eliyimbali. Emva kokuba imbali isiphelile, ishiya i apula namakha amahle. Futhi ba—baligcoba ebusweni babo. Naleyomisebe eqondile yelanga lasePalestina iyesabeka, futhi, niyabo, lokho kudala iphunga. Bese—bese kuthi–ke uma wenza, bese–ke ongenisa izihambeli efika emnyango bese ebanga entanyeni bese ebemukela.

89 Kwenzeka kanjani ukuba lezozinsila zenkosi zize zidedele uJesu edlule, zingazigezanga izinyawo zaKhe noma—noma—noma ziMnika amafutha ukuba azigcobe Yena, noma ngisho ziMange ngokumemukela na?

90 Kodwa kwakukhona isifebe esincane phandle emgwaqeni. Bonke abezenkolo lapho manje, sonke isixuku asiMvumanga. Nowesifazane omncane owesimilo esibi, walunguza phakathi, mhlampe isango, futhi waMbona ehleli njengemhali yasodongeni.

91 Yileyondlela Ayiyo namhlanje phakathi kwesixuku zezinkolo futhi, imbali yasodongeni, engemukelekile, engafunwa. “Ongcolile, onothuli, umgingqiki ongcwele,” baKubiza ngokuthi, “ohlobo oluthize lo—lomuntu ongekho emqondweni wabo okahle; umbhuli, ukufunda umcabango wengqondo,” noma uhlobo oluthize lwegama elibi.

92 Futhi uJesu, ngizofika kukho emizuzwini embalwa wathi, “Khuluma izwi elimelene neNdodana yomuntu, uyothethelelwa; kodwa nxa uMoya oNgcwele usufika ukwenza into efanayo, izwi elilodwa awusoze wathethelelwa lona.” Niyabo?

93 Kodwa lapho lowo wesifazane omncane ubonile ukuthi Wayedinga inkonzo. Futhi waphuthuma wangena masinya impela, wahamba wayesethenga ibhokisi le alabasta ligcwele amafutha. Mhlampe wayelithenge ngemali yokufeba kwakhe. Kodwa kwakuyini na? Ngahle ukuba wacabanga, “Ungu—UngumProfethi. Kodwa ngiyamkhumbula omunye wesifazane esesixakweni sami, esinye isimilo njengesami; wayenethuba futhi waMvuma, futhi wathethelelwa.” Enhla lapho emthonjeni waseSikara, izolo ebusuku sikhulume ngakho. “Futhi uma kuphela ngingafinyelela kuYe, ngiyamazi ukuthi UnguBani, ngizoMenzela inkonzo. Uma bonke abanye babo, angikhathali ukuthi benzani. NgizoMenzela inkonzo. Ngizovuma ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu.”

94 Wagijima wangena. Wasondela kakhulu kuYe impela, futhi wazizwa enecala kakhulu. Yileyondlela isoni esizihlawulisayo ngempela esizwa ngayo eBukhoneni baKhe, enecala!

95 Nezinyembezi ziqala ukwehla, futhi wayezama ukuzifihla. Zaqathakela ezinyaweni zaKhe. WayezoMgcoba, kodwa

izinyembezi ziqathakela ezinyaweni zaKhe. Futhi uqala ukuzesula, futhi—futhi ekhala, futhi—futhi ezesula ngezandla zakhe. Futhi—futhi izinyawo zaKhe lonke lwalubhixwa uthuli olwalukulo; futhi—futhi uma ufuna ukukukholwa ngempela, nephunga elibi lezilwane elisuka emzileni, wonke umuntu wayehamba emzileni ofanayo. Futhi lalilapho, iphunga elibi kuYe, ehlezi lapho, nezinyembezi zakhe zaziqathakela ezinyaweni zaKhe, futhi wayezama ukuzesula. Futhi wayengenathawula.

96 Yini ubuhle bowesifazane nodumo na? Izinwele zakhe. Yingalesosizathu abaningi benu sifazane namhlanje nizigunda zonke. Lokho akulungile. Yena, wathatha izinwele zakhe futhi ukuqala ukuwasha i . . . Izinyawo zaKhe, futhi uyazesula, izinwele zakhe—zakhe ezinhle, esula iphunga elibi kuYe, liba kuye uqobo, ethwala ihlazo laKhe. O, he! Kungalenkathi uvuma ukuthi Ubani osebukhoneni bakho. Niyabo? Odadewethu babeyocishe impela bame ngekhanda labo, ukuba bathole izinwele ezenele ukwenza lokho. Ngakho lapho wageza izinyawo zaKhe, wayesezesula ngezinwele zekhanda lakhe, futhi wanga izinyawo zaKhe.

97 NalowoSimoni omdala emi emuva lapho, wathi, "Hah! Hah!" O, sengiyambona nje efutheka. Abavumanga ukuthi WayenguBani. Wathi, "Nginitshelile ukuthi Ubengesuye umProfethi. Ukuba UbengumProfethi, Ubeyoqonda ukuthi hlobo luni lowesifazane lolo olungakuYe."

98 UJesu akazange anyakazise unyawo. Wavele wambhekisisa nje. Futhi wayesaba.

99 Manje–ke emva kokuba Eseqedile, yena enza inkonzo kuYe, Wabuka ngale, wathi, "Simoni, kukhona engifuna ukukusho kuwe. UNgimemile lapha. UNgilethe lapha," ngamany'amazwi, efinqa umkhono wakhe. "Ubufuna ukubukisa ngaMi. Ubufuna ukufakazisa ukuthi beNgingesikho lokho eNgiyikho. Futhi wena, ngenkathi uNgiletha lapha, ubufanele ugeze izinyawo zaMi, kodwa awuzange. Ubufanele uNginikeze amafutha ukuba ngigcobe ikhanda laMi, kodwa awukwenzanga. Awuzange uNgange ngokungemukela. Futhi lona wesifazane, selokhu Ngibelapha, ugeze izinyawo zaMi ngezinyembezi zakhe, futhi wazesula nge—ngezinwele zakhe, futhi njalonjalo wange izinyawo zaMi selokhu Ngibe lapha. Kukhona engimelene nawe ngakho, Simoni."

100 Manje–ke Uphendukela kuye. Sengathi ngiyabona nje ngimbona emi lapho, namehlo akhe amakhulu amahle onke embalabala, nobuso bakhe, nalapho ayekade enogrisi no—nothuli olusuka emgwaqeni, ebusweni bakhe. Futhi uyacabanga, "Manje ngabe ngenze iphutha na? Ngabe ngenze iphutha na?"

101 Wathi, "Futhi Ngithi kuye, 'izono zakhe eziningi, zonke zithethelwe. Hamba ngokuthula.'"

102 Kwakuyini na? Wavuma. Walivuma ithuba lakhe. Niyabo? Wakwenza. WaMenzela inkonzo. AbaFarisi abakwenzanga. Wakubona futhi wabuvuma uBukhona baKhe, futhi kwenzani na? Kwageza. Kwakhululani kuye na? Intethelelo. Kwakhulula kuye, intethelelo yezono zakhe. Kwenzani futhi na? Kwakhulula futhi amandla kaNkulunkulu, ukukhombisa kubo abangakholwayo ukuthi WayengumProfethi. Wayemazi ukuthi wayengubani. Kwakhulula futhi injabulo namandla nokuPhila okuPhakade. Kwakhulula lokho.

103 Kodwa owabangela ukuba isipikili esikhulukazi esikhulu zibethelwe kulezozinyawo eziligugu, akazange abuvume uBukhona bukaNkulunkulu kuYe. WayeMfuna futhi ukuba amenzele icebo elithize elishibhile, umbungazo othize.

104 Yilokho izwe elikufunayo, namhlanje, isigejane sombungazo. Alilifuni iVangeli. Bafuna ukubungazwa.

105 NoPilatu wathi, "Ngithanda ukufisa esinye isimangaliso esivela kuYe, noma into enjengaleyo. Menyuseleni lapha." EBukhoneni bukaNkulunkulu ngqo, futhi waBala, ngani (ini?) ukuthi wathokozela u—umbono womphakathi kakhulu kunoma athokozela ukuba nethuba lokuba seBukhoneni bukaNkulunkulu. Kwenzekani na? Owesifazane wathethelelwa, futhi waphiwa ukuPhila okuPhakade; kodwa walahlekelwa yingqondo yakhe futhi wahlanya, futhi wazibulala ngokuziminzisa enhla eSwitzerland.

106 Manje, naka, ethatheke kakhulu ngombono odumile wangalolosuku, ukuthi, "WayenguBelzabule; Wayengukuzenzisa nje; kwakungekho lutho ngempela kuYe," yena, wenzani na? Walahlekelwa ilungelo lakho, walahlekelwa ilungelo lakhe lethuba eBukhoneni bukaNkulunkulu. Wayengathethelelwa. Wathi, "Nginamandla okuKubethela. Nginamandla okuKukhulula."

107 Wathi, "Awunamandla ngaphandle uma evela kuBaba waMi." Wayefanele ukwazi, ukuba wayazi umBhalo. Futhi yena, eyiJuda, wayefanele akwazi lokho. Kodwa, niyabo, amasiko ayemtholile ukuba afundiswe phansi. Kungaleyo ndlela namhlanje. Ukuba kuphela wayekade efundiswe kahle! Ukuba indoda yayikukholiwe lokho okwakushiwo imiBhalo! Kodwa isiko lakhe lamkhipha kukho.

108 Kuyafana njengoba kunjalo namhlanje. Abantu bayothatha iVangeli langempela, lapho uMoya oNgcwele engena, namandla nenkazimulo kaNkulunkulu ikhulula izoni esonweni futhi izenza zikhululeke, futhi izibhaphathiza kuMoya oNgcwele, futhi iphilisa abagulayo, futhi ikhombisa izibonakaliso nezimanga, nabantu bayosuka bahambe, bathi, "A! Manje niyazi ukuthi ibandla lami likholwa yini na? 'Lowo ngumbhedo'!" Niyabo, ulahla amalungelo; uthengisa ngobuzibulo bakho. Omunye uEsawu!

109 Abaningi kakhulu bathola ithuba elifanayo namhlanje, ukuma eBukhoneni bakhe njengoba benza ngaleyonkathi. Futhi noma kunjalo, ngenxa yombono othandwa ngabantu, bayaLenqaba. Bemile eBukhoneni bukaNkulunkulu! Ngiyamangala, mngani, kulobubusuku, uma thina bantu esingamaKristu, eBukhoneni baKhe, futhi sigula, uma ukuthi asilenqabi yini ithuba ukuba siphiliswe nje ngokuMkholwa na? Thina esizisho ukuthi siyaMkholwa, asibuvumi ngempela uBukhona baKhe, Athembisa ukukwenza namhlanje.

110 Okuqinisekiswe yisithembiso sosuku, uJesu wayesola lesosizukulwane ngokungasikholwa isibonakaliso saKhe sobuMesiya. Siyasibona lapha, Wayebasola. BeMbiza ngoBelzabule! BabeMfuna enze isibonakaliso sikaMose, mhlawumbe, avule uLwandle oluBomvu. BabeMfuna enze isibonakaliso sikaDavide, athathe isihlalo sobukhosi nohulumeni. Kodwa akukho mBhalo owathi Wayezokwenza lokho. Wayezoba ngumProfethi. Uyeza, iNkosi. Wayezoba ngumProfethi ngaleyonkathi, futhi Wenze isibonakaliso uNkulunkulu Athi Wayezosenza ngalezozinsuku, futhi babesalokhu beMfuna enze isibonakaliso esithize esabathokozisa. Niyabo?

111 Futhi ngiyamangala nje ukuthi ngabe asibhekile yini phambili kakhulu ngaphambili ngento engakithi ngqo. Ngiyamangala ukuthi bekungebe yini yindlela efanayo uma besingedlula ithuba lethu na? Khumbulani, njengezifanekiso ezindala, izifanekiso azisoze zephuka. Isibonakaliso sokugcina, ngokukaJesu, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ngemihla lapho iNdodana yomuntu," hhayi iNdodana kaNkulunkulu manje, "lapho iNdodana yomuntu yembulwa." Bukani lapha lapho okuhlezi khona namhlanje! Bangani, benginganitshela ezinye izinto lapha okungafanele kimi ukuba nginitshele, kodwa bekunganishaqisa.

112 Ngifuna ukunibuza umbuzo omncane sisama, ngaphambi kokuba siqhubeke nalenkonzo, imizuzu embalwa nje. Angazi noma benginganibuza yini lokhu.

113 Noma ubani uyazi ukuthi izwe, ngokuma, yonke into ihlezi ngokuhlelekile kokuFika kwaKhe. "Ukuzamazama komhlaba okuningi kuzindawo ngezindawo; inyanga itsaza igazi elibomvu, noma okwentaba-mlilo ebomvu ndawo zonke, kuyimboza," njengoba uJesu athi bhekisisani lesosibonakaliso ngezinsuku zokugcina; "ulwandle lugubha, izinhliziyi zabantu zehlulwa ukwesaba, nokudidakala kwesikhathi, usizi phakathi kwezizwe."

114 Bukani impendukezelo emnyakazweni namhlanje! Ibukeni namhlanje, ukwanda ngamapesente angamashumi amane eCalifornia, kongqingili, izifiso zemvelo sezivele zilahlekile.

115 Bukani e...Bukani namhlanje, ukuthi abantu bayohlala kanjani ekhaya, abazibiza ngamaKristu, futhi lalelani nje izimilo ezinjengo Pat Boone, uElvis Presley, uErnie Ford, nalabo abacula amahubo ngeSonto; futhi bukani lezozinto, bayababuka beqabula labo besifazane, nezinto phandle lapho.

116 Kanti, akukho owesilisa ofanele ake aqabule owesifazane aze ukuba usemshadile. Lokho yizindlala zesilisa nesifazane ziphambana. Noma kungaba kuphi, akulungile. Sekungashiwo ukuthi kuyisenzo socansi. Uma izindlala zesilisa nesifazane zithintana, yisenzo socansi. Futhi kwenziwe...Owesilisa eqabula owesilisa emlonyeni, bekungamenza ahlanze, noma owesifazane owesifazane. Kungani kwehluke na? Kuyi—kuyisenzo socansi, sekungashiwo. Kunjalo. Umfanekiso kaKristu eqabula uMlobokazi waKhe, niyabo. Anifanele neze nenze lokho.

117 Kodwa kubukeni namhlanje, onke lamabhayisikobho nezinto, nesisodwa esikhulu isibumbatha sokuqabula nokugonana. Futhi cishe impela ngokoqobo kuwukuphinga komphakathi, ndawo zonke, nabantu baphuphutheke kakhulu abakuboni. Kunjalo! Yonke into isesimweni saseSodoma, okwaseSodoma ndawo zonke, njengoba iBhayibheli lasho.

118 Izinto eziningi kakhulu, bukani ngalolu izinsuku, Athi kuyokwenzeka! Bukani izethembiso Azenza kuyokwenzeka ngalolusuku. Bese–ke nikuhlola, okokuthi kwenzekani, futhi nibone ukuthi sikuphi, khona–ke niyabona ukuthi ngabe Usalokhu eseZwini laKhe noma qha.

119 Babefuna ukubona isibonakaliso sikaMose, isibonakaliso sikaDavide. Leso kwakungesiso esonyaka wabo; sethenjiselwa unyaka kaMose naleyo unyaka. Isithembiso salonyaka sizofezeka. Wayebakhombise ngokucacile, Yena, ngomBhalo, futhi wabamema ukuba bahlole umBhalo, ukubona ukuthi suku luni ababephila kulo.

120 Wenza into efanayo khona manje! Hlolani umBhalo, nina enikholwa yiBhayibheli. Yini efanele ukwenzeka khona lapha phambi kokuFika kwaKhe na?

121 Bukani izwe, ekumeni; manje, lelo yizwe. Bukani ibandla, ukuthi likuphi. Bukani ukuthi likuphi, "liwa, lisivivi, iLawodikeya, libeka ngaphandle iZwi." Yonke into iyongena komkhulu umkhandlu wamabandla, uMkhandlu wamaBandla oMhlaba, ubumba uphawu lwesilo; iBhayibheli elimemezela ukuthi kuyiphutha, nazozonke lezozinto, futhi nokho amaProtestane aqhubela kukho ngqo, ezihloma ngekhanda, engawazi umBhalo. Isiko lawo! O, afuna i—i—i—indoda yamandla futhi azoyithola eyodwa. Azoqikelela ukuthi ayakuthola.

122 Waye, bukani, kodwa uJesu wayezimemezele Yena uqobo ngokuphelele ncamashi ukuthi WayenguBani, futhi Wayefakazisile kubo ukuthi WayenguBani, onyakeni waKhe.

123 Nento efanayo namhlanje! Manje bukani e, ake sithathe lokho kuhleleka kukaLuka 17, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma." Bukani izwe, bukani ibandla, isimo saseSodoma! Bukani ukuthi uLoti wayekuphi; ngenkathi lawomadoda ngisho azama uku—azama ukucindezela emnyango, kulezizingelosi, lamadoda.

124 Qaphelani, bukani lapha. Eku. . .Bukani, uAbrahama wayephezulu entabeni. Wayengekho eSodoma. Leso yisifanekiso.

125 Njalo kukhona izigaba ezintathu zabantu embuthanweni wezinkolo; amakholwa, abazenzisi, nabangakholwayo. Njalo labo abathathu! Futhi nampo bebelapho; nango omSodoma ongakholwayo, umzenzisi uLoti, noAbrahama ibandla elikhethiwe.

126 Manje, bhekisisani izithunywa zabo ngalolusuku. Izithunywa ezimbili zehla futhi zashumayela eSodoma. Azenzanga zimangaliso, zabashaya nje kuphela baba zimpumputhe. Ukushunyayelwa kweZwi kuyakwenza lokho.

127 Kodwa bhekisisani ukuthi hlobo luni lwesimangaliso leNgelosi eyasenza eyahlala noAbrahama. Yayifulathele ithende. Futhi yatshela uAbrahama ukuthi igama lakhe lase lishintshiwe; yambiza ngo "Abrahama" esikhundleni sika Abrama. Wayengeke abe nengane kwaze kwashintshwa igama lakhe, kanjalo noSara wayengeke. Yabatshela ukuthi igama labo lalingubani. INgelosi yabatshela lokho. Futhi Yathi Yayizovakashela uSara ngokwesikhathi sokuphila.

128 NoSara wahleka ngakho. Futhi ngenkathi uSara ehleka . . . INdoda Ifulathele, iNdoda idla inyama yethole, futhi iphuza ubisi oluvela enkomazini, futhi idla isinkwa; iNdoda, uthuli ezingutsheni zaYo, umhambi, wayenguNkulunkulu uqobo lwaKhe. NoAbrahama wakuvuma ngoba Yayazi imicabango owawusenhliziyweni kaSara emva kwaYo. Yathi, "Usholoni uSara phakathi kwakhe ukuthi, 'Lezizinto zingaba kanjani na?' Ikhona into emahlula uNkulunkulu na?" Niyabo? NoSara wagijima waphuma futhi wakuphika. Yathi, "Yebo, kodwa ushilo." Manje, Yayiyothatha impilo kaSara khona lapho, kuyena ukuba angakholwa, kodwa, niyabo, uyinxenye kaAbrahama.

129 Nokungakholwa kwethu ekubonakalisweni kwaKhe okukhulu ngalelihora; siyinxenye kaKristu. Uvele nje, niyabo, siyiyo—siyiyo, niyabo, okwethu . . . U—Uzofanele akugcine.

130 Manje, qaphelani, asikaze sibekhona isikhathi emlandweni wonyaka webandla. . .Futhi ngazi ngesisodwa isitshudeni sangempela engikhuluma kuso, usomlando. Akukaze

kubekhona. Bengingabuza noma yisiphi isitshudeni seBhayibheli ukuba singitshele umuntu oyedwa owake wathunywa onyakeni webandla, kulelibandla selokhu kwaba sekubethelweni kukaKristu, inkonzo yomhlaba jikelele, igama lakhe elake lagcina ngo h–a–m, njengo A–b–r–a–h–a–ma, kuze kube yilolusuku. USankey, uFinney, uMoody, uKnox, uCalvin; kodwa kwake kwaba kuphi u G–r–a–h–a–m ngaphambili, uBilly Graham, umvangeli omkhulu phandle lapho namahlelo eliseSodoma na? Nhlobo. Kuno Oral Roberts wesimodeni phandle lapho namaPentecostal, into efanayo. Benikwazi lokho na?

131 Kodwa, u h–a–m! Manje, u G–r–a–h–a–m yizinhlamvu eziyisithupha kuphela, kodwa u A–b–r–a–h–a–ma yizinhlamvu eziyisikhombisa. Isithupha isibalo somuntu, inhlangano yomuntu, ukwenza komuntu; kodwa u A–b–r–a–h–a–ma izinhlamvu eziyisikhombisa. Manje qaphelani, eBandleni elikhethiwe elidonselwe ngaphandle, hhayi lawo mahlelo, kodwa ibandla eliKhethiwe ukuba lime ngaphandle, lizothola isithunywa, nalo, ngalezizinsuku zokugcina.

132 Kwenzekani ezansi lapho na? Kwenzekani phezulu lapha na? Kuqhathanise nalokho uJesu akusho. Akukaze ngaphambili emlandweni esike saze sahlala. Nezibonakaliso ezifanayo ezaziyokwenziwa! Aniqondi yini, bangani, futhi nivume ukuthi nguNkulunkulu owehlela eVangelini, kubantu baKhe, Ezenza aziwe na? Anilivumi yini ihora esiphila kulo na? Ngabe nje sizisusile ekushayeni izandla zethu kancanyana, sidlala uphiyano, futhi sisho ngekhanda *lokhu*, futhi—futhi sisuke eZwini, sesize saphuphutheka kangako na? Impela asiphuphuthekile. Asivume ihora esiphila kulo.

133 UPetru, uNathan, noma uNatanayeli, njalo, nowesifazane, bayakuvuma. Bona, ba—basivuma isibonakaliso saKhe, isibonakaliso sikaMesiya.

134 Kuyafana manje njengalezizinto engizishoyo. Manje–ke kulonyaka, uJesu wathi. . .Manje bhekisisani, Ukhomba emuva manje, ebatshela ngonyaka. UNkulunkulu, kunoma yimuphi unyaka, ngenkathi Ethumela umlayezo waKhe, owawuyiZwi laKhe, futhi waWukhomba kulowonyaka; abantu abawukholwayo, kwakuyisikhathi esikhulu sabo; abantu abangaWukholwanga, bangena enxushunxushwini. Bekuhlala njalo kunjalo.

135 Njengasezinsukwini sikaJesu, into efanayo. Mbhekisiseni emi lapha manje. Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaJonase, kuJona; ngokuba njengoJona wayesesiswini somkhomo, izinsuku ezintathu nobusuku, ifanele ibe kanjalo neNdodana yomuntu."

136 Wathi, "Isizukulwane esibi nesiphingayo siyofuna isibonakaliso." Manje niyazi ukuthi ngicabanga ukuthi

Wayenzani na? Wayeprofetha, "Isizukulwane esibi nesiphingayo."

137 Ngiyamangala ukuthi uma noma yimuphi umuntu osile enqondweni yakhe ubengaphika ukuthi asiphili esizukulwaneni esibi nesiphingayo, lapho ongqingili, impendukezelo! Namazinga ezehlukaniso eMelika liphakeme ukwedlula noma yisiphi esinye isizwe ezweni. Nomhlaba wonke usungene enxushunxushwini yaso. Abathathu kubobonke abane, cishe, udivoziwe; ngapha, ethatha yonke into ngapha eminyakeni eyishumi yomshado. Niyabo? Kucabangeni! Isehlukaniso, bephinde beshada bephinde beshada, bahlukanise baphinde bashade. "Babedla, bephuza, beganwa ngabafazi futhi beganiselana." Bukani ihora esiphila kulo. Kwake kwabanini senxushunxushwini enje na?

138 "Isizukulwane esibi nesiphingayo siyofuna isibonakaliso, qaphelani, futhi bayosithola isibonakaliso." Ini? Lesisizukulwane. "Ngokuba njengoJona wayesesiswini somkhomo, izinsuku ezintathu nobusuku indodana yomuntu imelwe ukuba senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku." Sibonakaliso sini lesosizukulwane esibi nesiphingayo esiyosemukela na? Isibonakaliso sokuvuka.

139 Futhi namhlanje, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili sisambona uJesu Kristu ngamandla okuvuka kwaKhe, emiphakathi kwethu, enza izinto Azenza ngaleyonkathi futhi wethembisa ukuzenza. "Isizukulwane esibi nesiphingayo siyofuna isibonakaliso, njalo sifuna ukuba sithi 'ngikhombise *lokhu*, futhi uma ungenza *lokhu* futhi wenze *lokhu*.' Bazosithola, isibonakaliso sokuvuka." Nguyena izolo, namuhla, naphakade; iZwi libonakalisiwe, lihlala phakathi kwethu. Sifanele ukumbonga kakhulu uNkulunkulu ngesibonakaliso saKhe esikhulu!

140 Qaphelani Wakhomba kwenye into ethize lapho. Wathi, "Futhi njengokuba inkosikazi eyindlovukazi yaseningizimu iyakusukuma," leyo inkosikazi eyindlovukazi yaseSheba. Lalelisisani manje.

> *Inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba ukuzakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bheka, kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni.*

141 Qaphelani, ake sikhombe kulokho, imizuzu embalwa. Wayefunda iBhayibheli elifanayo esilifundayo, ngoJona, futhi Wayefunda ngoSolomoni. Manje, uma kufika unyaka kaSolomoni, wayene . . . wayenesiphiwo sokubona okufihlakeleyo. Nabobonke abantu, sonke isizwe, sakukholwa. Wonke umuntu wayenhliziyonye futhi ekuqonda kunye. Wonke umuntu wakukholwa.

142 Uma wonke umuntu, kulobubusuku, uma yonke iMelika, ibingavele nje iphendukele kuNkulunkulu futhi imkholwe uNkulunkulu, isiqiniseko esidlula zonke esinaso, kuyoba yimipheme yamabhomu nayoyonke enye into.

143 Akekho owayengadlala ngoSolomoni. Babemesaba ngoba wayeyindoda enesiphiwo. Nabantu babemkholwa kanjalo, wathunywa evela kuNkulunkulu, baze bamenza inkosi yabo. Zonke izizwe zazibesaba; hhayi ngenxa yamandla abo ezempi, kodwa ngoba uNkulunkulu wayenabo.

144 Futhi uma lesisizwe esizisho ukuthi singubuKristu, ukuba kuphela besinga, bonke kanyekanye, babambelele ngakulesisiphiwo esikhulu esinikwe sona ngalolu izinsuku zokugcina, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu phezu kweBandla. Hhayi isivumokholo. UMoya kaNkulunkulu! "Akuyi ngamandla, akuyi ngempi, kodwa ngoMoya waMi," kusho uNkulunkulu. UMoya oNgcwele, uJesu Kristu esimweni sikaMoya, phezu kwethu, "onguyena izolo, namuhla, naphakade," enza leliZwi liphile lokho Athi Liyokuphila. Bhekisisani ngokusondela manje.

145 O, izindaba zaphumela ezweni lonke! Babengenayo itelevishini nomsakazo, nezinto ngalezozinsuku, ngakho kwakuhamba ngomlomo nomlomo. Futhi emva kwesikhashana uhide olukhulu lwabahamba ngamakameli lwafika lwathi ngqu ezansi ngaphesheya koGwadule iSaraha, okuluhambo lwezinyanga ezintathu ukusuka ePalastine kwehlele lapho eyayakhe khona. Nokukholwa kuvela ngo (ngani?) kuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu. Futhi yayizwile ngalomhlangano omkhulu ababenawo enhla lapho, futhi noma nini uma kufika uhide lwabahamba ngamakameli bevela kuleyondlela, yayibuza, "Ngabe nina, nize nidabula ePalastine na?"

"Yebo."

"O, nithini ngalokho na?"

146 "O, kungaphambili le kwanoma yini! Awukaze ukubone ukubona okufihlakeleyo okunje. Futhi nje kufana nonkulunkulu ehlezi lapho. UNkulunkulu wabo umelwe endodeni okuthiwa uSolomoni."

147 Awu, "ukukholwa kuvela ngokuzwa." Inhliziyo yenkosikazi eyindlovukazi encane yaqala ukulambela ukwenyuka futhi ithole ngakho. Niyabo, yayimiselwe ukuPhila.

148 Qaphelani manje, into yokuqala yokwenziwa manje, yona ingumhedeni, yayidingeka ithole imvume kumpristi wayo, ukuba ihambe. Ngakho sengathi ngiyabona ngiyibona iwelela kumpristi wayo, futhi ithi, "Fata ocwebileyo, ngiyezwa banemvuselelo enkulu enhla lapho e—ePalastine. Ngicela imvume yokwenyuka futhi ngizibonele mina."

149 "Manje, mntanami, manje awufuni ukuxoveka kokunye... Empeleni, asibambisani kuleyomvuselelo, ngakho u—ungeke wahamba. Uyabo, leso nje yisigejane sombhedo. Akukho—kukho lutho kukho. Labobantu bazisho ukuthi badabule uLwandle oluBomvu, futhi benze konke *lokhu, lokho*. Akukho lutho kukho. Uma bekukhona noma yini enjengaleyo eyenzekayo, ibiyoba khona lapha ebandleni lethu." Sisenabo abahedeni.

150 Ngakho siyathola ukuthi iqala ukulamba. Yathi, "Manje buka," yathi, "bangitshela, ukuthi, 'UNkulunkulu wabo enhla lapho umelwe esidalweni esingumuntu, nokuhlakanipha kwakhe kungaphambili le kwanoma yini. Ukubona kwakhe okufihlakeleyo kuyamangalisa.'"

"O, akukho lutho kulokho."

Yathi, "Kodwa ngi—ngingahle..."

151 "Awu, buka, wena nkosikazi eyindlovukazi, ungeke wazimatanisa ebandleni labantu abanjalo. Lokho ngukuthi, ungeke wakwenza lokho. Lesosigejane sabantu, saziwa umhlaba wonke jikelele njengezinhlanya zezenkolo. Ungeke wakwenza lokho."

152 Kodwa, niyabo, uma uNkulunkulu ehamba ukuyosebenzana nenhliziyo yomuntu, akukho okuzokumisa. Umyeni, inkosikazi, abantwana, umelusi, akukho okunye okungakumisa uma umuntu ngempela elambela uNkulunkulu. Bayahamba, noma kanjani. Ngakho yalungisela, ukwenza ukulungela.

153 Awu, wayezothi, "Awu, ngizokunika nje...Ngizo—ngizodingeka ngikuxoshe esontweni enhlanganyelweni yethu."

154 "Awu, ungakwenza nje lokho. Ngiyahamba, noma kanjani. Ngizozitholela mina ngakho konke lokhu, futhi niyabo."

155 Yayenyuke nemibhalo egoqwayo futhi yayifundile ukuthi uJehova ufanele ukuba njani, ngababprofethi baKhe nokuthi ufanele enzeni, ukuthi iZwi likaNkulunkulu lalizobonakaliswa kanjani, ukuthi Lalizozazi kanjani lezizinto ngenkathi lethulwa, lifakwe eveyilini eyinyama yomuntu, elalizokwenza. Futhi yayizifundile zonke lezizinto.

Ngakho ngangiyoMuzwa ethi, "Awu, buka, incwadi yethu isho *lokhu*," washo.

156 "Yebo, bukani, ngi...ukhokhozela ongugogo wami wama phakathi phambi kwalezozithixo ezifanayo. Wama futhi washo imikhuleko, usuku nosuku. Kwakungakaze kubekhona nowodwa umnyakazo, okukodwa ukuvungazela, noma lutho olunye. Futhi ngikhathele, lesisimo esidala esifile. Ngifuna ukuhamba ngibone ukuthi ngabe ukhona yini uNkulunkulu ophilayo." Kubi kabi asinazo ezinye futhi zalezozindlovukazi namhlanje.

157 Ngakho yalungela ukuhamba. Manje ngenkathi ifika kulendawana lapho okufanele iye khona, manje, khumbulani,

yayinobunzima obukhulu. Kwakungelula njengoba kwakungaba njalo kini. Manje qaphelani ukuthi yayidingeka yenzeni.

158 Nansi enye into engiyifunayo, angifuni ukuyishiya ngaphandle. Yasho lokhu, “Ngenyukela lapho, futhi ngizophatha imali. Ngizophatha izipho. Futhi uma kuyiqiniso, ngizokweseka. Uma kungesilo iqiniso, khona–ke ngingayibuyisa imali yami.”

159 Lowo wesifazane wayengafundisa amaPentecostal. Yebo, mnumzane. Ukweseka izinto phandle lapho ezihleka futhi zihlekise ngokuphilisa kukaNkulunkulu, futhi, nokho nesekela izinhlangano zomsakazo esikhundleni sebandla lenu uqobo, kunjalo, futhi bahleka futhi bahlekise ngazo impela izinto enikholelwa kuzo.

160 Kodwa yathi, “Ngizoyithatha. Futhi uma kungalungile, ngingayibuyisa.”

161 Manje khumbulani, nawo wonke lomcebo phezulu lapho, kulamakameli. Futhi manje khumbulani, uxhaxha lwabagibeli abanejubane bakaIshmayeli kwakungabaphangi basogwadule, wayephandle lapho. Kwakuyoba yinto elula kanjani kubo ukuba bawele ku—kulokhu ukuphangwa, futhi, ngani, babeyobabulala labobathenwa abambalwa owayenayo, futhi bathathe leyomali futhi bakhale bemuke.

162 Kodwa kunento ethize ngakho, uma uzimisele ngempela, noNkulunkulu ezembula Yena uqobo, uzimisele ukubona uKristu, akukho ngozi phambi kwakho. Awunaki ngisho nokunaka! Udokotela uthi uzofa, awukunaki ngisho nokukunaka. Uma ucindezela, uyazi kunento ethize lapho.

163 Into ethize phansi enhliziyweni yayo, ivutha, ukukholwa kuNkulunkulu! [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . izinyanga ezintathu ukuhamba phezu koGwadule lwase Sahara. Hhayi emotweni iKadilaki efakwe isishayisi-moya. Qhabo, qhabo. Yathatha izinyanga ezintathu ukunqamula uGwadule iSahara, mhlawumbe ebusuku, ifunda izincwadi ezigoqwayo, emthonjeni wasogwadule ngesikhathi sasemini, yaze yafika.

164 Manje, akumangalisi uJesu athi iyoma ngezinsuku zokugcina futhi isilahle lesisizukulwane, ngokuba abanye babo bangeke bahambe bawele umgwaqo; nalapha kukhona omkhulu kunoSolomoni, uMoya oNgcwele uqobo lwaKhe. Niyabo? Akumangalisi iyosukuma ngezinsuku zokugcina futhi isilahle isizukulwane!

165 Bhekisisani, ekugcineni yafika. Ayifikanga njengabantu abaningi, abanye abantu bayofika emhlanganweni oxakile. Iyafika futhi yathatha amakameli ayo, yase iphumela egcekeni, yamisa amathende ayo, futhi yayizohlala lapho ize ikholiseke.

166 Iningi labantu liyofika, lihlale mhlawumbe imizuzu embalwa, mhlawumbe engamashumi amabili-nanhlanu. Uyothi nje umvangeli noma omunye umuntu angasho into ethize

ephambene nalokho e—ecabanga ukuthi isivumokholo sayo siyakusho, noma yona, isivumokholo sakhe, baphuma bahambe. Niyabo, akusiyo ngisho inhlonipho. Akumangalisi iyosilahla lesisizukulwane; ifikela ukuzohlala yaze yakholiseka.

167 Sengathi ngiyayibona inkonzo yokuqala ngalokho kusa, ngenkathi amacilongo onke ekhala, uMelusi uSolomoni waphuma. Ingahle ukuba yayikade ihlezi le emuva ngemuva. Yathi, "Manje ngizozibonela mina. Ngiyazi ukuthi yilokho uJehova afanele ukuba yikho. Umuntu angazisho, kodwa ngizothola." Ngakho yahlala lapho ngalolosuku futhi yabhekisisa, futhi yabona wonk'umuntu eza emsamo. Yabona ukuthi lokho kubona okufihlakele kwakuphelele.

168 Ekugcineni, ake sithi ikhadi layo lomkhuleko labizwa, okungukuthi mhlampe kwakungesilo, kodwa isikhathi sayo safika ukuba ize phambi kukaSolomoni. NeBhayibheli lasho, ukuthi, "Ngenkathi ifika ima phambi kukaSolomoni, ukuthi uNkulunkulu wavumela uSolomoni azi zonke izimfihlo zayo. Akukho okwafihlwa." Manje–ke isimangaliso senziwa kuyo.

169 Yase–ke iphendukela ezethamelini, yase ithi, "Zonke lezizinto engizizwile kuqinisile, futhi kukhulu ngisho ukwedlula engezwa ngakho." Niyabo? O, kwakungasekho kuphila okusele kuyo, umoya wayo wathathwa kuyo, ngoba nakhu kwakukhona indoda eyayingayazi, isihambi, yembula izinto eyayifuna ukuzazi.

170 O, noJesu emi lapho, owayengaphezu kukaSolomoni! Wayengukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. WayeyiNdodana kaNkulunkulu ezalwa yintombi. Wembatha phezu kwaKhe noJehova uqobo lwaKhe wabonakaliswa enyameni. Futhi lapha Wayemi lapho ekugcwaleni, futhi bathi babengeMkholwe, ukubona okufihlakele okukhulu kakhulu. Niyabo, WayenguSolomoni kuhlanganiswe noDavide, kuhlanganiswe nabo bonke abanye babo bonke wayekuYe. Bonke abaprofethi wayethandele kuYe, omkhulu kunoSolomoni.

171 Futhi ngisho kuze kubenangalolosuku, Wathi, "Uma nikhuluma lawomazwi ngokumelene naMi, Ngiyonithethelela. Kodwa nxa uMoya oNgcwele efika, kuyoba kukhulu ukwedlula okuyikho manje, nokulahlwa kakhulu."

172 Futhi lapha simi namhlanje sibona yena lowoNkulunkulu ofanayo enza yona into efanayo! Ngikholwa ukuthi iyosukuma ngoSuku lokwaHlulelwa futhi isilahle lesisizukulwane, ngoba yaphenduka futhi yawukholwa umlayezo uSolomoni ayewushumayela, futhi yakholwa kuNkulunkulu. Ibone into eyiyo ngempela.

173 Niyazi, okuyinkathazo namhlanje, kunabantu, abantu abaningi, nabantu osontayo nohamba esontweni nje futhi abe nesivumokholo. Niyabo, babone okuningi kakhulu

okungamanga nje, okuningi kakhulu okuyizifanekiso nje, neziningi kakhulu zezindlu ezinhle ezinkulu. Futhi—futhi, thina, asinga—asingachezukeli neze kulolohlobo lokukhala kwengane. Niyabo, uNkulunkulu akahlali ezindlini ezinkulu; Uhlala enhliziyweni yakho. Niyabo, uNkulunkulu akahlali emfundweni yokuhlakanipha; Ukude nayo. Uhlala ekuzithobeni, enhliziyweni yakho.

174 Uhlala eZwini laKhe, neZwi laKhe lingena enhliziyweni yakho futhi Liyazikhulumela, futhi limemezele. Uhumusha iZwi laKhe uQobo ngani. Uzama ukuthola umuntu Angambamba, ukukhombisa ukuthi Usalokhu enguye uNkulunkulu. Niyabo? Futhi Unguye, Uyokwenza lokho uma nje Engahle athole umuntu Angakhuluma kuye. Uma Engahle athole omunye wesifazane enomopho, Usangakhuluma into efanayo. Usangenza into efanayo, eyenza yaziwe, ememezela. SiseBukhoneni bukaNkulunkulu, singaBuvumi.

175 Kungikhumbuza indaba encane. Ngingahle ukuba ngake ngayixoxa kini kanye, angazi. Ibingafakaza khona manje. Njengoba nonke nazi, ngi—ngizingela izinyamazane ezinkulu. Futhi ngangiphezulu ehlathini lasenyakatho, ngangivame ukwenyukela lapho ngizingela, ngaso sonke isikhathi. Futhi nganginomngani phezulu lapho ogama linguBert Call. Wayengumzingeli okahle, ecishe abe yiNdiya uhhafu. Ngangingadingeki neze ukuba ngikhathazeke ngaye, wayengezukulahleka. Futhi sasingoshomi ngempela, kodwa leyo kwakuyindoda embi kunawo onke, enhliziyweni, engake ngayibona. Yayingenanhliziyo nje nhlobo. Yayivame ukudubula amazinyane amancane ezinyamazane, lokho yizingane ezincane zezinyamazane amadiye, ukungenza nje ngiphatheke kabi. Futhi yayithi, "O, nina bashumayeli ninenhliziyo yenkukhu. Billy, wawungaba ngumzingeli okahle ukuba wawungesiye umshumayeli." Yathi, "Ninenhliziyo yenkukhu kakhulu."

Ngathi, "Bert, lokho akusiyo inhliziyo yenkukhu."

176 Manje, kulungile ukubulala izinyane lenyamazane uma umthetho usho njalo. UAbrahama wabulala ithole futhi walipha uNkulunkulu. Akusiwo usayizi walo noma ubulili balo.

177 Kodwa ngububi ngalo nje, futhi wayevele awadubule nje lawo mazinyane ezinyamazane futhi nje ahleke, enza ukuhleka, ngoba ngangiphatheka kabi ngakho. Awu, manje, wa—wakwenza lokho.

178 Futhi ngonyaka owodwa ngenyukela lapho. Futhi wayesezisungulele impempe encane ayeyishaya, njengezinyane lenyamazane elincane, ukuthi limemeza kanjani, niyazi, lifuna umama walo. Futhi ngakho wathi, "Heyi, Billy, ngaphambi kokuba siqale kulokhu ukusa," wathi, "Khona engifuna ukukukhombisa khona enginakho." Futhi wangikhombisa khona.

Ngathi, "Bert, ungeyisebenzise into enjengaleyo."

179 Wathi, "O, hlakanipha." Nomfo wayenamehlo anjengawebanda nje, njengabanye balaba besifazane abazama ukupenda amehlo abo, niyazi ukuthi kanjani, kanjalo. Niyazi, wangibuka, ngalawomehlo okubuka kwebanda, neso, lalicishe lingesabise impela.

Futhi—futhi ngathi, "Bert, ungakwenzi lokho."

Wathi, "O, nina befundisi abanenhliziyo yenkukhu!"

180 Ngakho si—sasi . . . Ngangephuzile kancane ukuvuka ngalesosikhathi. Nalezo zasenyakatho ezinomsila emhlophe . . . Inyamazane yakho ewumnyuzi lapha, iyokwenyuka ize kuwe, kodwa hhayi omunye walabobafo. Uma kade zidutshuliwe, iyi . . . Ukhuluma ngo Houdini eyingcweti eyeqayo, uyimfunda–makhwela, kuzo. Ngakho isikhathi sase sihambile futhi zazikade zidutshuliwe. Nalezonyamazane ezingamadiye zazicashe phansi, zidla ebusuku ngonyezi, futhi zilala phandle emini. Sahamba yonke indlela sase sayofika phezulu eJefferson Notch endala, kuthi ngqu phezulu eMount Washington. Kwakukade, kwakuthi akube ama intshi ayisithupha eqhwa emhlabathini, isimo sezulu esihle sokulandela umkhondo; asizange sibone ngisho nowodwa umkhondo.

Wathi, "Ucabangani, Billy na?"

181 Ngathi, "Lapho nonke nizethuse zonke zaphuma lapha, leyomishini-gani emidala oyidubulayo."

182 Futhi ngakho saqhubeka. Emva kwesikhashana, cishe ngeleshumi nanye nqo. Sasiphatha njalo e—eyodwa encane yalawo maflaski igcwele ushokoledi oshisayo. Kungukuthi uma uthola ukulimala, noma enye into ethize, lokho ngokuvuselela amandla, nesemishi. Ngakho kwakuthi akube ngeleshumi nanye noma ligamenxe eleshumi nanye, ngiyacabanga, sifika esikhaleni esithi asibe ngusayezi walenkundla evalekile lapha, noma lendlu, futhi kungekho zihlahla zokwenza amaplangwe. Ngakho wavele nje wathi ukuhlala phansi, wencikisa isibhamu sakhe esihlahleni, waqala ukwelulekela ngemuva *lapha*. Futhi ngangicabanga ukuthi wayebuyela emuva ukuba athathe eyakhe—ukuba athathe iflaski yakhe. Ngacabanga, "Awu, sizodla."

183 Ngokwejwayelekile senyukela esiqongweni sentaba bese sidla, futhi omunye uya ngapha nomunye aye ngapha, bese sibuya. Futhi sasiyazi indlela ngakhona, kahle. Futhi uma sithole inyamazane idiye, sasivele siyiphanyeke, bese kuthi–ke siyazi, sahamba sasesisizana ukuba sizingenise. Ngakho ngangicabanga ukuthi nje wayeyokudla ilantshi yakhe, bese sehlukana, ngoba kwakucishe impela kwenyukele emgqeni wezihlahla zokwenza amaplangwe. Ngakho ngi . . .

184 Welulekela emuva. Ngase ngiqala ukuthatha iflaski yami, ngithatha ushokoledi wami, ngase ngiqala ukuphuma kanjalo. Wayesehosha leyompempe yakhe endadlana ephaketheni lakhe, wayeseyikhalisa kakhulu *kanjalo*. Wayesengibuka ngalawomehlo okubuka kwebanda futhi, wayeseshaya leyompempe. Futhi ngenkathi enza, ngokuthe nje ukuba kude njengangale kwalendlu, inyamazane enkulu yensikazi yasukuma.

185 Manje uma abanye bodadewethu bengahle bangazi, inyamazane yensikazi ngumama wenyamazane idiye. Futhi, niyabo, leyompempe kwakuyingane, futhi yakhala, nalenyamazane enkulu yensikazi yasukuma. Futhi cishe ngeleshumi nanye ngqo impela emini, noma ubani ozingela izinyamazane amadiye uyazi ukuthi leso isikhathi esibi. Zisuke zilele.

186 Ngakho yasukuma yase iqalaza. Ngangiyibona nje ngokucacile nje. Wangibuka emuva, wase eyishaya futhi. Futhi esikhundleni so—sokuba ibaleke, yaphumela ngqo kulesosikhala.

187 Manje, lokho akwejwayelekile. Ngeke zikwenze lokho. Noma yimuphi umzingeli uyakwazi lokho. Futhi zingeke, futhi ngeke zikwenze lokho. Kodwa yaphumela lapho ngqo. Ngani? Yayingumama; leyo kwakuyingane. Kwakuyiyo, niyabo, izalwa kuyo nje ukuba ibe ngumama, naleyongane.

188 NoBert wabheka phansi, wahosha lowomshudo, wawehlisa kuleyo teti-o-siksi. Futhi wayengumnembi. Futhi ngambona egwaca phansi *kanje*, futhi ngangazi ukuthi wayezoyiqhumisa inhliziyo yayo ethembekile iyothi ngqu macala omabili, inhlamvu ewuhlwayi oluyikhulu namashumi ayisishiyagalombili, inhlamvu esakhowe. Ngase ngicabanga, "Ungakwenza kanjani, Bert na? Ungaba kanjani mubi kangaka, ukuba ubize lowomama oyinyamazane idiye aphumele lapho ngqo bese udubula inhliziyo yakhe iphume ngqo kuye, naye ezama ukuthola ingane yakhe na? Ungaba kanjani nonya kangaka njengokwenza lokho na?" Ngangicabanga lokho. Futhi ngiyambona egwaca phansi *kanjalo*.

189 Futhi angikwazanga, angikwazanga ukukubuka. Kwakukukhulu kakhulu. Ngiqagele ngingonenhliziyo yenkukhu. Ngavele ngafulathela nje, ngase ngicabanga, "Nkulunkulu, angakwenza kanjani na? Singakwenza kanjani isidalwa esingumuntu ukuba sibe ngesingenasithunzi, ukwenza lokho, ukudubula nje leyonhliziyo kamama othembekile iphume kuye kanjalo na?"

190 Manje, yayingazami ukuzenza yena. Yayingabukisi. Yayingumama. Imbonile umzingeli ngenkathi ephosa lesosibhamu phansi, kodwa yabaleka na? Qhabo, mnumzane.

Ingane yayo yayisenkathazweni, futhi yayizama ukuthola ingane yayo.

191 Futhi ngafulathela, njengoba ngishilo, ngase ngiqala. Ngathi, "Nkosi Nkulunkulu, angakwenza kanjani na?" Ngaqaphela, futhi ngalinda, ngalinda, isibhamu asidubulanga.

192 Ngase ngiguquka ukuba ngibheke, nesibhamu sasihamba *kanje*. Akabange esasibamba. Waguquka, lawomehlo ebanda amadala ayeseshintshile, izinyembezi zehla ngesihlathi sakhe. Wasiphonsa isibhamu onqenqemeni, wayesethi, "Billy, sengibe nokwenele kwakho. Ngiholele kulowoJesu okhuluma ngaye."

193 Kulo lolonqenqema oluneqhwa ngamholela kuKristu. Ngani na? Wabona into eyayingeyangempela, wabona into yangoqobo. "Uma bebamba. . . ukuthula kwabo, amadwala ayomemeza." Lowomama wayengazenzisi ngalutho. Wayengumama wangoqobo. Akunandaba noma ngabe kwakungukufa, noma ukuthi kwakuyini, wayemi ngqo ebusweni bokufa, azi ukuthi nganoma yimuphi nje umzuzu leyonhlamvu yayizoqhuma idabule inhliziyo yakhe, kodwa wayefuna ingane yakhe.

194 O, ukuba kuphela besingaba kakhulu impela ngumKristu njengoba leyonyamazane idiye yabangumama! Ngani na? Yazalwa ingumama, yazalelwa ukuba ngumama. Sizalelwa ukukholwa iZwi likaNkulunkulu. Sizalelwe ukukholwa uJesu Kristu.

Asikhothamise amakhanda ethu.

195 Bangaki phakathi lapha khona manje, nesandla esiphakanyisiwe, abazothi, "Mfowethu uBranham, qiniso ngithanda ukuba uhlobo lomKristu ukuthi leyonsikazi encane yenyamazane yayingumama. Ngi—ngifisa sengathi inhliziyo yami ibigcwele kakhulu uKristu nje ukuthi bengingama ebusweni banoma yini futhi ngibe umKristu wangempela kakhulu impela nje njengoba leyonyamazane idiye yayingumama. Mina, yilolohlobo lwesehlakalo engilufunayo"? Ungasiphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. UNkulunkulu akubisise. Baningi kakhulu, ndawo zonke. Ngibonga kakhulu ukuthi nisenayo into yangempela eyenele kini ezonenza nikholwe.

196 Niyabo, ukuba–ke beningakholwanga na? Lokho bekungebe kubi kakhulu yini, ubone ongakholwayo endaweni lapho izinhliziyo zabo zilikhuni kakhulu baze bengabe besakholwa nhlobo, balahlwe, behambile, belahlekile, bengazi lutho ngakho, bengazi ukuthi hora lini ukufa okungangqongqotha ngalo emnyango na? Nizofanele niphumele kwiPhakade.

197 Futhi uJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha," abekakhulu impela ngumKristu njengoba leyonyamazane idiye yayingumama, "awusoze wambona uNkulunkulu; usuphelile, akunandaba ukuthi amabandla amangaki owajoyinayo." Wayekhuluma nomholi wezenkolo wangalolosuku uNikodemu,

indoda enamashumi ayisishiyagalombili ubudala, futhi wayitshela ukuthi imelwe ukuzalwa, imelwe ukuba uhlobo lomKristu njengenyamazane idiye yayingumama lapho.

198 Ngabe ubekhona yini oyedwa abangaziphakamisanga izandla zabo, obaziyo ngempela uBukhona bukaNkulunkulu, aBuvume futhi athi, "Ngiyazi ukuthi nginephutha"? Uma uqonda ukuthi unephutha, uyabuvuma uBukhona bukaNkulunkulu.

199 Kodwa uma ungazi ukuthi unephutha, iBhayibheli lathi, "Ungolusizi." Kulonyaka, ibandla lalizoba ngeli "lusizi, elokuhawukelwa, elimpofu, eliphuphuthekile, nelihambaze, futhi lingakwazi."

200 Cabangani nje uma owesilisa noma owesifazane ubese mgwaqeni, elusizi, ephuphuthekile, empofu, engowokuhawukelwa, futhi ehambaze, futhi ubungabatshela ukuthi bebehambaze, futhi bakulalele, kodwa–ke uma behambaze futhi bangakukholwa na? Isimo sengqondo esinjalo pho!

201 Awu, manje, ilolohlobo ke lwesimo sikamoya okuyilo. Abantu baphuphutheke ngokukamoya, balusizi, abokuhawukelwa, bahambaze phambi kukaNkulunkulu, izoni zizama ukuzemboza emva kwamaqabunga omkhiwane ehlelo elithize, futhi abakwazi.

202 Ungasiphakamisa isandla sakho, omunye umuntu na? UNkulunkulu akubusise. Nakho ke. INkosi ikubusise. Phambi kokuba u. . . Mhlawumbe uyisihambi lapha, akaze umbone uNkulunkulu enza into eyodwa. Kodwa ngaphambi kokuba ubone noma yini, wena, noma kunjalo thana, "Ngizokwemukela phezu kwezisekelo zeZwi. Ngiyazi ukuthi lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni; uMoya oNgcwele kaNkulunkulu omkhulu ukhona. NgiyaWuzwa. NgiyaWukholwa. Ngizophakamisa isandla sami. Ngiyisoni; ngizocela insindiso."

203 Baba waseZulwini, busisa laba abaphakamise izandla zabo. Siyacela ukuba isihawu saKho siphiwe labo aba—abayizoni. Lokho ngukuthi, mhlawumbe bayasonta. Bona, lokho kusalokhu kungasho khona ukuthi abasizo izoni futhi baphakamise izandla zabo, bafuna ukusindiswa. Nkosi, bekukhona Into engakubo. Bawuvumile uMoya oNgcwele lapho. Futhi ba—bavumile ukuthi UbuwuNkulunkulu, futhi Ubukhuluma kubo, ukuthi, ukuthi bebengenaso lesosehlakalo abafanele babenaso, futhi baphakamise izandla zabo.

204 Wena wathi, "Oyakuza kiMi, Angisoze ngamlahla." Futhi ngiyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Wena wathi, kuJohane oNgcwele 5:24, "Ozwa amaZwi aMi akholwe ngoNgithumile, unokuPhila okuphakade; akayikuya ekwaHlulelweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Oza kiMi, Ngiyakumnika

ukuPhila okuphakade, ngimvuse ngimihla yokugcina." Lezo yizithembiso zaKho, Baba.

205 Ngibabiza bonke. Mhlampe omunye umKristu, Nkosi, ozama ukuhamba ekuphileni, ozama ukuphila kangcono, nsuku zonke, futhi ba—bafuna isehlakalo so—so—sokuhamba kangcono, baphakamise izandla zabo, futhi. Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa. Kwangathi bangathola konke lokho kwanela kulobubusuku kuKristu, iZwi lenziwe inyama phakathi kwethu. Siphe khona, Nkosi. Ngibanikela kuWe, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

206 UNkulunkulu anibusise. Futhi njengoba nihlezi nithule ngempela, niyabo, umzuzwana nje; o, he, sengedlule ngemizuzu emihlanu esikhathini sami manje. Ngithetheleleni, bengingahlosile ukukhuluma kade kangaka. Ngiyanitshela, asilinde nje umzuzwana nje, nginikeni nje eminye imizuzu emihlanu uma nithanda.

207 Bangaki owaziyo ukuthi uNkulunkulu wayeyini na? Siyazi ukuthi iBhayibheli lithi Wayeyini, neBhayibheli lathi, "Unguyena izolo, namuhla, naphakade." Futhi uJesu wathi, kuJohane oNgcwele isahluko 14, ivesi 12, Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Hhayi ozenzisayo, kodwa, "okholwa yiMi." Ngabe kuqinisile lokho, bafowethu bami abangabafundisi na? Lokho kuqinisile. Bangaki abafundi beBhayibheli owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? "Kodlula amazulu nomhlaba," kodwa amaZwi aKhe angehluleke. Wakwethembisa lokho.

208 Manje kukhona, akungabazeki, abantu abagulayo phakathi kwenu khona lapho. Anginazi, nhlobo. Nokufakazisa ukuthi ebengikusho esikhashaneni esedlule, njengoba iNgelosi yeNkosi ezinsukwini ezedlule, izinsuku ezedlule, nge, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Ningakubona ebengikhuluma ngakho, lawo magama nakho konke okunye kumi ngendawo eyiyona yona, ibandla lihlezi kahle, ningakubona na? Manje ngiqinisekile ukuthi niyifunda ivaliwe ngezinto engingazikhulumanga, niyabona ukuthi bengiqonde ukuthini. Manje uma nina bantu phakathi lapha enigulayo nenidingayo, ngi . . .

209 Nginamsebezi muni ukuba ngibelapha na? Bengingamelani lapha njengomkhohlisi na? Ukuba bengenza lokho, sekuyisikhathi kimi sokuba ngi . . . Ngi, angi, angifisi ukuphila. Mina, ngingaqoka ukufa. Mina, ngingaqoka ukuphuma futhi ngibe yinoma yini enye kunoma ngibe umdukisi. Futhi uNkulunkulu uyokwenzani kimi na? Futhi angazi ukuthi ngizobuphila ubusuku, kanjalo nawe awazi. Kodwa umdukisi, sifuna ukuba yi . . . Kusizani ukuba ngumdukisi, ube ungaba ngowoqobo? Kodwa, niyabo, Kuxake kakhulu kini.

210 Manje, bukani, uma ngisho ukuthi lemiBhalo ifanele igcwaliseke, ukuthi ngifundile futhi nganikhombisa ebusukwini obubili obedlule, ukuthi uJesu wayeyini, ukuthi uBukhona baKhe buyini manje! Futhi Ufanele ukubuya ngezinsuku zokugcina, siyakwazi lokho, ngenyama yomuntu, futhi azimemezele Yena uqobo ngendlela efanayo. Sonke siyakwazi lokho. Ngabe sikuqaphele na? Thanini "amen" uma kunjalo. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Manje okwenduduzo yenu, ngithi kini, ngisho lokhu kini, eGameni laKhe: Ulapha, uNkulunkulu ofanayo owehla futhi wakhuluma kuAbrahama, Wayefulathele ithende, noSara engaphakathi kwethende, wazi ukuthi wayecabangani.

211 Washo into efanayo ngenkathi Efika lapha. Wabuka phezu kwezethameli wayesekubona okwakusenhliziyweni yazo. Owesifazane wathinta ingubo yaKhe; Waqalaza waze Wamfumana, wayesemtshela.

212 Impumputhe uBartimewu wathinta ingubo yaKhe, ngenkathi ememeza, "Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele," emi emayadini angamakhulu amabili ukusuka lapho Edlule khona. Ukukholwa kwakhe kwamisa iNdodana kaNkulunkulu, emgwaqeni, wayesephenduka wayesethi, "Mletheni lapha."

213 UZakewu omncane phezulu emthini, wacasha, wathi, ngakho wayengakholwa ukuthi WayengumProfethi, naye. NoJesu uza ngqo, wama phansi komuthi wayesebuka phezulu, wayesethi, "Zakewu, yehla," wambiza ngegama lakhe.

214 Ngenkathi uJesu engakaze ambone uPetru, noAndreya wayemlethe ngapho. Esembona eza, wathi, "Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJonase," umnika igama lakhe, wamtshela ukuthi wayengubani.

Watshela uNatanayeli ukuthi wayekuphi, ayekwenzile.

215 Owesifazane, nokuthi hlobo luni lwesimo ayekuso, ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, ukuthi kwakuyini ukugula kwakhe.

216 Lowo nguNkulunkulu, bangani! Bangaki abakukholwayo lokho ngayo yonke inhliziyo yakho, thanini, "Lowo kufanele kube nguNkulunkulu"?

217 Bangaki kini phakathi lapha abaziyo ukuthi angazi neyodwa into ngani, phakamisa isandla sakho, uthi nje, "Ngiyazi leyondoda ayazi-nto ngami, nje—nje iyindoda nje"? Yilokho engiyikho, umfowenu nje. Ngilapha ukuba ngizame ukunisiza.

218 Kodwa ngiyamemezela! Bangaki ofunde incwadi yami nezinto na? Nina, niyazi, niyakukholwa lokho, iQiniso na? Lolu yizinsuku zokugcina. Namanje iNkosi uJesu isisiza.

219 Futhi uma Izofika kulobubusuku. . .Futhi ningavumi kunyakaze namunye wenu. Nje hlalani ngqo ezihlalweni zenu lapho enikhona, futhi nikholwe, neNkosi uJesu izofika kulobubusuku futhi iqinise lezizinto Ezishilo,

lezizinto Eyazethembisa. Uma Izoziqinisa ukuthi ziyiQiniso, nizoYikholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kholwani!

220 Baba waseZulwini, manje ngikhulume ngaWe, ukuthi Wawuyini, ukuthi Uyini, manje Ungeza ngaphambili nje enkundleni. Nalabobantu behlezi khona lapho ezethamelini, beyizihambi ngokuphelele, Uzozenza yini Wena uqobo waziwe kithi kulobubusuku, Nkosi, ukuthi sizokwazi futhi sivume ukuthi lemiBhalo iyagcwaliswa, ukuthi "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade"? Manje–ke uma siphila ezinsukwini zokugcina, njengoba Asho ukuthi Wayezozembula Yena uqobo ngezinsuku zokugcina, njengoba Enza eSodoma ngaphambi kokuba indodana ethenjisiwe ifike kuAbrahama, awu, inzalo yobukhosi kaAbrahama ebheke iNdodana yobukhosi, into efanayo yayizokwenzeka. Futhi bhekisisani ngisho nasezabelweni, isikhathi, amagama, nayo yonke into iphelele emgqeni, Baba. Sisize, siyakhuleka, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

221 Manje ngifuna nikhuleke, ngamunye wenu. Nje noma ngabe yini engalungile, Mceleni nje. Manje UngumPristi oMkhulu.

222 Konje, bangaki abefundisi abasendlini, phakamisani izandla zenu, ndawo zonke na? Ngiqagele kukhona amashumi amathathu noma amashumi amane. Manje bangaki kini abazi lokhu, ukuthi iNcwadi yamaHeberu, iTestamente eLidala, lisitshela lokho khona manje "UJesu Kristu ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu"? Ningaziphakamisa izandla zenu bese nithi, "Ngiyazi kuyiQiniso. IBhayibheli lisho lokho"? Kunjalo. Kulungile.

223 Manje–ke uma engumPristi oMkhulu, Unguyena izolo, namuhla, naphakade. Manje–ke uma niMthintile kulobubusuku, Ubezokwenza njengoba Enza emuva lapho. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Njengoba Enza izolo!

224 Awu, ngenkathi lowo wesifazane ethinta ingubo yaKhe. Wena uthi, "O, kodwa uma bengingakwenza!" Ukukholwa kwakho kuyakuthinta. Okomzimba, Akazange akuzwe. Kwakungukukholwa kowesifazane, okwathinta ingubo. Ukukholwa kwakho kungaMthinta manje. Niyakukholwa lokho na?

225 Manje–ke uma iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa, Uyokwembula leyonto efanayo futhi akhombise into efanayo. Niyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, manje Methembeni, Mkholweni. Ningangabazi. Kodwa yibani nokukholwa kuNkulunkulu, ukuthi Uzokwenza. Omunye *ngapha*, khulekani nje futhi nje nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu, bese kuthi omunye *ngapha*. Futhi uma uNkulunkulu ezovumela oyedwa noma abantu ababili enibaziyo, okungenasiphosiso, bangaki kini abazokholwa-ke ukuthi siyabuvuma uBukhona baKhe na?

[“Amen.”] Manje–ke yilokho kuphela okudingekile. Yilokho kuphela okudingekile.

226 Inenekazi elihlezi khona lapho, lingibuka lapho liphethwe yinkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa inhliziyo, akusindise na? Unenkathazo yenhliziyo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngabe ngiyisihambi kuwe, angikwazi na? Kodwa lelo yiqiniso, kulungile, wena, nenekazi, inenekazi elinekhanda elimpunga lihlezi lapho. Kulungile.

227 Inenekazi elifake okul’hlaza tshani, uphakamise isandla sakho lapho, ukuthi wena—wena . . . Inkathazo yakho isifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nesifo samathambo na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyabo? Kulungile. Uyabo? Kuyenzeka nje kuphakame . . . Manje Into ethize yehlela kuwe, ayizange na? Uyabo, lokho kuKhanya. Bangaki abake babona isithombe salokho kuKhanya na? NaKho kulenga, phezu kowesifazane ngqo. Khona manjalo ukuzwa okumnandi ngempela kwehlela kuwe. Yilokho okukwenzile, uyabo. UNkulunkulu ukubusisile, wakuphilisa, uyakusindisa. Uyakukholwa na?

228 Uyakholwa ukuthi uyazi ukuthi yini engalungile kuwe na? Kuphela Angakuphilisa. Yithunzi elimnyama, isithuthwane. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi eliselincane. Ucabanga okwehlukile kancane kunoma wenzile emizuzwini embalwa edlule, awunjalo na? Uyabo ngenkathi ngiyeka lokho kubiza, ukwenza lokho na? Bekungokwalokho–ke, bekungokwakho. Manje uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, lawo malumbo azosuka kuwe. Uzokwemukela futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho na? UNkulunkulu akubisise. Hamba, ukukholwe.

229 Lelinenekazi elihlezi khona lapha, liphethwe yinkathazo yesisu, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Khona lapha ekugcineni, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa akusindise enkathazweni yesisu na? Uyakholwa, uyakwemukela na? Kulungile. UNkulunkulu akubisise.

230 Ngiyisihambi uqobo kowesifazane, angimazi. Ungowesifazane nje ehlezi lapho, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Usuyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile, yiba nokukholwa nje.

231 Inenekazi lihlezi khona lapha ekugcineni, liphethwe yinkathazo yenyongo. Linamatshe avela engqalathini yenyongo, isibindi, kuyakuhlupha. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho; isihambi uqobo kuwe, uma lokho kunjalo. Uyabo?

232 Inenekazi elihlezi eceleni kwakho ngqo, liyagula, nalo. UyaKubona, awukuboni lokho kuKhanya phezu kwalowo wesifazane na? Inenekazi linenkathazo yezinso. Kunjalo.

Linesifo segazi elidungwa umchamo esenza uphoyizeni ezinsweni zalo. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Inenekazi elikuthinte ngaleyonkathi, liphethwe u—ukuhlushwa kokuguliswa yimizwa. Nobabili niyizihambi, anisibo abalapha. Akunjalo na? Ningabase Iowa. Ningabasedolobheni laseDes Moines. Kunjalo, akunjalo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani igama lakho, njengoba Enza kuPetru na? Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho! Igama lakho unguNkk. Wolff. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, buyela emuva usuphilile manje, uJesu Kristu uyakusindida.

233 Niyabuvuma uBukhona baKhe, niyazi ukuthi Ulapha na? Manje–ke ningebeke izandla zenu phezu komunye nomunye manje, uMoya oNgcwele usephezu kwenu. Lowo nguMoya oNgcwele phezu kwenu. Manje nonke ningaphiliswa manje uma nje nizokukholwa. Niyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

234 Baba waseZulwini, akusekho lutho okusele manje kodwa ukukholwa. Manje siyabulahla bonke ubumnyama. Ngenkathi imvuselelo, njengoba ngishilo ekuqaleni, igagasi lehlela phezu kwamanzi ukuwaqunga phansi naphezulu, uku—uku—ukususa ukungakholwa kuwo; manje uMoya oNgcwele usenza amagagasi ukuya emuva naphambili kubantu lapha, kwangathi konke ukungakholwa kungasuswa, futhi kwangathi amandla kaNkulunkulu uSomandla angakhulula wonke umhlupheki kulobubusuku.

235 Ngikhuza uDeveli. Sathane, awulutho kodwa okhohlisayo futhi uyadalulwa khona lapha phakathi kwabantu, ngobufakazi obubonakalayo bangokomBhalo bukaJesu ovukileyo ophilayo. Ngiyakuyala, ngoNkulunkulu ophilayo, phuma kulababantu futhi ubayeke bahambe, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

236 Wonke owemukela ukuphiliswa kwakho, yima ngezinyawo zakho manje bese uthi, "Ngiyakholwa. Akunandaba ukuthi kwenzekani, ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakani, ngisalokhu ngazi ngizosinda. Ngiyakwemukela, ngayo yonke inhliziyo yami."

237 Phakamisani izandla zenu manje. "NgiyaKubonga, Nkosi." Dumisani iNkosi. Kunjalo, Inikeni udumo. Manje phakamisani izandla zenu nje futhi niYidumise ngokuphiliswa kwenu, indlela enenza ngayo emabandleni enu. Mfowethu . . .

